

UMOYA WEQINISO



Asibe silokhu simile umzuzwana nje manje sisakhuleka. Asikhothamise amakhanda ethu.

² Baba wethu waseZulwini olungileyo, njengoba sisondele kuWe manje kuleloGama elanele konke leNkosi uJesu, sifuna ukunika Wena udumo ngalokho Osenzele khona, lokho amehlo ethu akubonile, nezindlebe zethu ezikuzwile kulolu izinsuku zokugcina zokuvala kwezenzeko zomlando walelizwe, lapho isikhathi sifiphala singena ePhakadeni, futhi sibona iZibani zikhanya, siyazi ukuthi akusesiso isikhathi eside manje kuze kube ukuFika kweNkosi uJesu.

³ Sizakucela kuWe, Baba waseZulwini, ukuba usikhumbule kulobubusuku. Futhi uma kubakhona noma yibuphi ububi kithi, bukhiphe, Nkosi, kulobubusuku, ukuthi singathulwa kuWe uma Ufanele ufike kulobubusuku. Sikhulekela abagulayo nabasweleyo.

⁴ Sikhulekela iBandla laKho, kokubili lapha nangaphesheya, emhlabeni jikelele, abantwana baKho ndawo zonke bazo zonke izizwe, ukuthi singahlanza izingubo zethu ezinde eGazini leWundlu, futhi silalele lokho kubiza, “Bheka, nangu uMnyeni eza. Phumani niye koMhlangabeza.” Kwangathi singakwazi ngaleso sikhathi, Nkosi, ngomusa kaNkulunkulu, nangokufaneleka kukaJesu esiMethembayo, ukulungisa izibani zethu futhi siqhubekele phambili khona-ke ukuhlangabeza uMyeni. Thatha iZwi leNkosi kulobubusuku futhi usoke izinhliziyi zethu. Khipha konke ukungakholwa. Siphe inkonzo enkulu. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

Ningahlala phansi.

⁵ Kumnandi ngempela ukubuyela lapha e...lendawo engcwele yeNkosi, kulobubusuku, enkonzweni. Sibe nesikhathi esikhazimula kakhulu izolo kusihlwa enhla kwa...Mfowethu Groomer. Futhi ngiyakhumbula ngonyaka odlule saba nesikhathi esikhazimulayo.

⁶ Sibe nesikhathi esimnandi, ndawo zonke. INkosi isibusisile nje ngokwedlulele ngokuvamile, ngaphezu kwengake ngakucabanga ukuthi Iyokwenza. Kodwa Igcwele isihe nobumnene. Kuhle nje ukwazi Yona. Akunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi ukucabanga “Ukwazi Yona, kungukuPhila.” Ukwazi Yona, ngukuPhila.

⁷ Manje, kusasa ebusuku, sizoba sezansi eCentral Avenue Assembly, ngikhulwa ukuthi kubizwa kanjalo. UMFowethu Fuller, omunye umfowethu okahle. Futhi ngicabanga ukuthi yibandla elikhulu ezansi lapho. Futhi sithemba mhlawumbe

ukuthi singaba no—nomugqa womkhuleko, uma kulungile noMfowethu Fuller. Ngakho si . . .

⁸ Futhi-ke, u—ukusa okulandelayo, sizoba se, ngiyakholwa, kubizwa nge-Apostolic Church lapha ePhoenix. Futhi angikhumbuli nje ukuthi ngubani umelusi, lowo mfowethu, wayengubani. Ngabe ngangilapho ngonyaka odlule na? [Umfowethu uthi, “Qhabo. Lelo ngelisha, ibandla labaseMexico, Mfowethu Branham.”—Umhl.]

⁹ Futhi-ke ngeSonto ebusuku ebandleni likaMfowethu Outlaw oligugu enhla lapha, iJesus’ Name Church. Futhi nginokulindela okukhulu, futhi umndeni wami, ukungena lapho futhi sizwe okunye kwalokho kucula okuhle.

¹⁰ UBilly Paul ubefanele akwazi, sonke isigqi, ngenhliziyo. Sadlala lelculo, *Ngiya Phezulu, Phezulu*, kwaze kwathi, ngokuba qotho, into yaguga yaphela, kwiteyipu. Uzoqala ehhovisi, futhi ngaso sonke isikhathi sosuku uma ngiya lapho, akunandaba, udlala lelo, “Phezulu, phezulu, phezulu.” Yinto ethize! Silidlale kakhulu, futhi irekhodi lithe ukusondela ekugugeni liphele nya.

¹¹ Niyazi, ngithe ukuba nomuzwa kulobubusuku. Ukuthi, ngishe izwi kancane. Ngacabanga, “He, uma nje ngingabona omuny’umuntu, obengangikhulumela,” futhi kwenzeka ngabuka ngapha futhi ngibona uJack Moore. Ngokuyikho ncamashi. Angikaze . . . O, ngikholwa ukuthi lokho bekuyoba kuhle kakhulu, Mfowethu Jack. [UMfowethu Jack Moore uyaphawula—Umhl.] Manje lalalani lokho.

¹² Futhi ngiyakholwa ngibona uMfowethu Roy Borders ehlezi ngalapha, futhi. Yebo, mnumzane. UMfowethu Noel Jones ehlezi ngalapha. O, he! Sonke sikhona nje, yonke indawo. Ngicabanga ukuthi bekuyoba isikhathi esihle, mhlawumbe, uma ngingaphumula kancanyana, niyazi, futhi ngibe namanye alamadoda alungile ukuba asukume lapha futhi angikhulumele lapho ngishelwe yizwi, niyazi. UMfowethu Jack wathi, “iNkosi ayikho kuleso sambulo.” Awu, bengikhathele ngenkathi ngifika. Futhi ngi—futhi ngithe ukukhathala kancane, sonke lesi sikhathi.

¹³ Futhi ngibona abantu bemi lapho, nokuthi bafanele bame kanjani, futhi ngithi ukujabula ukuthi ngimi nabo. Manje, iNkosi inibusise.

¹⁴ Futhi siyalangazelela manje kulena eminye imihlangano ezayo. Futhi-ke ngeviki elizayo kusezansi ePentecostal Assemblies, futhi kukhuphukele enhla. Futhi siyasonga, ngoLwesithathu olulandelayo ebusuku, ku 11th noGarfield. Angikwazi nje ukuwakhumbula onke engqondweni. E, ngiyakholwa, iFirst Assembly of God edolobheni. Futhi—futhi-ke ingqungquthela iqala eRamada.

15 Futhi manje kukhona idili leBusiness Men ezansi e—idolobha elikhulu lase-Arizona, eTucson.

16 Futhi, kusobala, sonke siyazi ukuthi iPhoenix nalezi zindawo, zisemaphethelweni nje alelodolobha. Futhi kunjalo. Leyo indawo eyinhloko. Lelo idolobha lakithi, niyazi, us'bani-bani, phezulu egqumeni. Futhi-ke lokhu, nje uhlobo lwamaphethelo alo, ngani, kumnandi ukuba nani nonke njengomakhelwane.

17 Ngakho, ngikholwa ukuthi kwakunguMfowethu Rasmusson, ngobunye ubusuku, washo into ethile enjengalokho emhlanganweni, futhi, o, he, eyacishe yadabula umhlangano nya. Ngikholwa ukuthi sasise—sasiseHouston. Futhi kwakunguRamsar. Kwakunguye. Wathi, ngobusuku iNgelosi yeNkosi eyehla ngabo, bathatha isithombe, futhi wathi, “Nonke nina bantu eningapha nivela—nivela eDallas,” wathi, “siyazi ukuthi ngamaphethelo eHouston.” Futhi, o, he! ITexas ayikwazanga ukukuthatha, njengani bantu base-Arizona ningakuthatha. Ngakho kwakukhona ukuthula okukhulu phezu komhlangano.

18 Awu, Unamandla ngempela. Futhi manje ngicabanga ukuthi zisophenya umBhalo lapha, futhi nje nginikeze ubufakazi obuncane okwesikhashana. Ngeke yini lokho kuthi ukukuguqula na? Ngivele ngakushaya nje ngapha kanzima kakhulu ngize ngibe namahloni ukunibuka. Futhi mhlawumbe ngininike ukuphumula okuncanyana, futhi nginikeze obunye ubufakazi bokulunga kweNkosi yethu.

19 Asithole indawo kuJohane oNgcwele, isahluko 16 sikaJohane oNgcwele. Futhi ngine 16:12. Ngithanda ukufunda kusuka—kusuka kuleyo ndawo eVangelini likaJohane oNgcwele. Ngithanda ukufunda iZwi, ngoba iZwi yilokho okusenza sazi ukuthi kuyiQiniso. Siqala ngevesi le 12, futhi lalélisisani manje, ngoba ngifuna ukunikeza ubufakazi.

20 Futhi-ke sizozama ukungena kuse-eli kancane nje. Kade nginigcina kuze kudlule isikhathi kakhulu. Futhi kusasa ebusuku, ngani, sizohlala isikhathi esengeziwe ngesigamu sehora. Lokho kuzokwenza cishe elokuqala nqo, ngeke kwakwenza na? [UMfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.] Ngakho, ngakho, lokhu kuqala ngevesi le 12.

Ngise nokuningi okokunitshela, kodwa ninge-kuthwale manje.

Kepha nxa yena, uMoya weqiniso, esefikile, uzakuniholela kulo lonke iqiniso: ngokuba akayikukhuluma ngokwakhe; kodwa lokho akuzwayo, uyakukukhuluma: anibikele okuzayo.

Futhi manje uyaku...ngikhazimulisa: ngokuba uyakuthatha kokwami, anibonise khona.

Konke...uBaba anakho kungokwami: ngalokho-ke ngithe, uyakuthatha kokwami, anibonise khona.

²¹ Niyazi, izolo kusihlwa, ikakhulukazi, sibe nesampula encane yalokho. Manje, thina singabantu beVangeli eligcwele, sikholelwa kukho konke ukusebenza okuningi kukaMoya oNgcwele. Futhi manje, yiyona ndlela kuphela esingaba yiVangeli eligcwele ngayo, ngukukholwa yiVangeli eligcwele, konke iNkosi ekulobile. Futhi ngikholwa ukuthi si, thina uqobo, asiyilutho. Sifana nje...

²² Njengoba ngishilo kuMfowethu Carl, izolo, ngibeheke isihlahla, ngathi, "Akusilo isundu elihle lelo na? Kodwa, empeleni, akukho lutho kulo kodwa isigejane somlotha wentabamlilo. Liyilokho kuphela." Futhi ngathi, "Lehluke kanjani manje kulowomgamthilini. Awu, yini umgamthilini na? Umlotha wentabamlilo, unokuphila kuwo nje." Ngathi, "Empeleni, ngiyini futhi wena uyini na? Umlotha wentabamlilo, kunjalo impela, uvela emhlabeni; uthuli lomhlaba, kunokuphila kuwo."

²³ Kodwa impilo ngayinye itshalwe yinkosi uMnikezeli-kuphila, futhi Yena uyazi ukuthi kanjani nje futhi yini emele yenziwe. Futhi konke Akumise lapha emhlabeni kungokwenkazimulo yaKhe. Izinkanyezi zingezenkazimulo yaKhe. Imimoya ingeyenkazimulo yaKhe. Izimbali zingezenkazimulo yaKhe. Futhi singukuqheliswa kwenkazimulo yaKhe.

²⁴ Kodwa kubonakala sengathi konke kuzoMlalela ngaphandle komuntu. Umuntu nje ubonakala sengathi...Unesikhathi esinjalo, ngenxa yokuthi wayeyiyonanto kuphela eyawa. Konke okunye kwahlala esimweni sakho sasekuqaleni. Kodwa, umuntu wawa. Ngakho-ke, uNkulunkulu unempi naye, ukumenza enze okulungileyo, nokulalela.

²⁵ Futhi enye yezinkinga ezinkulu zikaNkulunkulu, ezansi kudabula eminyakeni, njengoba umlando webandla usho, ngukuthola umuntu mumbé Angakwazi ukumthola ngokuphelele ekulawuleni kwaKhe. Udinga umuntu oyedwa kuphela. Ubehlala njalo esebenzisa umuntu oyedwa ngesikhathi. Sikufundisisile lokho ubusuku obumbalwa bokugcina: umuntu oyedwa, hhayi iqembu. Ufuna nje oyedwa. Yilokho kuphela Akudingayo. Isizathu, abantu ababili bebengaba nemibono emibili ehlukene. Uvele nje enze umuntu oyedwa, emelela Yena uqobo ngalowomuntu oyedwa. Akakaze akwenze ngaphandle kwalokho. Niyabo?

²⁶ Manje, UnoMuntu oyedwa namhlanje, futhi lowoMuntu yiLowo esisanda kufunda kamuva: uMoya oNgcwele. UnguMuntu uNkulunkulu amthumelile, uMoya kaJesu Kristu emhlabeni, uMoya kaNkulunkulu, ukubonakalisa

nokumemezela uKristu ngeBandla laKhe, niyabo, nje ukuqhubeza iMpilo kaKristu ngeBandla.

²⁷ Manje, kuyinto enhle kakhulu, futhi—futhi nokho kulula kakhulu, uma besingama nje futhi sicabange. Siyacindezela, siyathuthumela, si—siyesaba, singena ekukhingathekeni nokungabaza, sicabanga nje. “Awu, ngifanele ngicindezele na?” Akusikho lokho. Kungukuvumela nje, niyabo, uqonda ukuthi awulutho, futhi nje uMvumele ngokuphelele akulawule, alawule ukucabanga kwakho, ukulawula.

²⁸ Manje, angiqondile ukuhamba unyukele kuKristu ngo—nje ngo—umqondo ongenalutho. Angiqondile lokho. Woza kuYe ngomqondo wakho oswangulukile, futhi ngo—u—umqondo ophendukile, nokuthobeka. Bese uthi, “Nkosi Jesu, ngilapha. Manje, kulotshiwe lapha eZwini laKho, ukuthi Wena ‘waba nezinto eziningi nokho ukuzisho kubafundi.’ Wena wathi, ‘Babengenakuzithwala manje.’” Futhi mhlasimbe lolo udaba lwethu namhlanje, asikwazi ukuziqonda.

²⁹ UNkulunkulu angavusa okuthile okuncane okwehlukile nje, futhi ngakho konke siyakujivaza. Esikhundleni sokuhlola umBhalo ukuze sibone uma kulungile noma kungalungile, sivele sikulahle ngokushesha nje, “Akukho lutho kukho.” Besifanele sizihlale lezi zinto, sithole ukuthi zilungile noma qhabo. Futhi khumbulani, uma kungalungile, kuyofa ekugcineni, ngokuba uJesu wathi, “Sonke isitshalo uBaba waMi waseZulwini angasitshalanga sizosiphulwa.”

³⁰ Kodwa ngicabanga ukuthi kwakunguGamaliyeli owenza leyo nkulumo mbiko enkulu ngaleso sikhathi, “Uma kungokukaNkulunkulu, asifuni ukutholakala silwa naKho. Futhi—futhi uma kungesikhona okukaNkulunkulu, kuyoba yize noma kanjani.” Ngakho, kufundisise futhi ucabange ngakho.

³¹ Futhi manje, Wathi phakathi lapha, “Kodwa lapho Yena, uMoya oNgcwele, esefikile.”

³² Manje, othile washo, ngesinye isikhathi esidlule kwenzeka, ekhuluma, wathi, “UMoya oNgcwele empeleni ungumqondo wengqondo yakho. Uyacabanga.” Lokho bekuyobeka uMoya oNgcwele umcabango.

³³ Kodwa iBhayibheli lathi, “Lapho Yena. . .” Futhi u “Yena” uyisabizwana somuntu. Niyabo? Niyabo? “Lapho Yena,” uMuntu, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu, “efika, Uyokwembula lezi zinto kini, enginitshele zona.”

³⁴ Khona-ke, niyabo, ayikho enye indlela yokwazi ukuthi liyini iQiniso. Kuphela ngo. . . Ungeke ulithole ngesiko, ngezipiliyoni zasekholiji lezenkolo. Uzolithola kuphela ngoMoya oNgcwele. NguYe othunyelwe ukuLembula.

Manje, khona-ke, Waphinde wathi, “Futhi Uzonibonisa izinto ezizayo.”

³⁵ Manje, amaHeberu, isahluko 1, athi, “UNkulunkulu emandulo nangezindlela eziningi wakhuluma kobaba ngabaprofethi, kodwa ngalolusuku lokugcina ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu.” Niyabo? NguMoya oNgcwele uthatha ukwengamela, noma wengamela iBandla, ukusebenzisa uKristu eBandleni. Khona-ke, uba njengalokhu Wayenjalo. Yena uba njengoba wawunjalo, ukuze wena ube njengalokhu Wayenjalo. Niyabo? Yena uba nguwe, ukuze wena ube nguYe. Lokho, ku—kungaphezu kokuqonda. Ayikho indlela yokukuchaza, futhi ungakuzami. Kwamukele nje. WaLikhuluma, futhi lokho kuyakuzazulula. Vele uthi kulungile. Likhohle.

³⁶ Manje, njengomKristu osemusha, bengihlale ngenza lenkulumo mbiko. Ngajabula ukuthi uNkulunkulu wangibamba ngaphambi kokuba ibandla lingibambe. Ukusho okunzima ukuthi bengiyoba kuphi. Kodwa nga—ngaba nokubonga ngobuholi nokuxhumana okuqondile uMoya oNgcwele ahlabe umxhwele impilo yami ngakho, ngaphambi kokuba ngize ngikunikezele. Ngokuba, njengomfana omncane, ngazi ukuthi kwakukhona iNto ethile. Wayekhulumile, futhi ngangikhuluma naYe. Wangiphendula. Futhi ngiqala ukuqaphela ukuthi izinto Angitshela zona, njengomfana omncane, ukuthi ziqala ukwenzeka ncamashi nje ngendlela Athi ziyokwenza ngayo. Ngakho ngazi ukuthi kwakufanele kube yiqiniso.

³⁷ Manje, ngiyindoda endala manje. Futhi a—angikaze nakanye. . . Futhi ngingabiza izwe ukuba—ukuba lime ngqi, futhi ngibacele. “Beka umunwe wakho entweni eyodwa Ake angitshela yona, ku ISHO KANJE INKOSI, eGameni leNkosi, kepha lokho okwaba yiqiniso uqobo futhi isiminya, futhi kwenzeka, ezinkulungwaneni ziphindwe kazinkulungwane zezinto.” Kwenzani. . .

³⁸ Ngikusholo ukuthini lokho na? Niyabo, ngisibeke sonke njengothuli lwentabamlilo. Kodwa yisithembiso seZwi likaNkulunkulu. Ngakho-ke, angikwazi ukuzethemba. Awukwazi ukuzethemba. Kodwa, ndawonye, singaba nokwethemba kuLokho okusingamele. UMoya oNgcwele usengamelile. Sifanele sibe nokwethemba kuLokho. Futhi njengoba sibeka ukwethemba kwethu kuLokho, khona-ke imiphumela iyafika.

³⁹ Bekungaba ngaphandle kwesizathu mina ukuba ngizame ngisho uku—ukubhekana nokunitshela ezinye zezinto uMoya oNgcwele azenzile empilweni yami uqobo ephukile, izinsuku zami. Ngisho lokho neBhayibheli laKhe livuliwe, iZwi laKhe. Futhi yilokho Ayikho. UyiZwi.

⁴⁰ Niyabo, le—leMbewu lapha ifika emlotheni wentabamlilo, ngendlela yesiDalwa sangokomoya. UNkulunkulu ungena njengoMoya futhi usebenza ngomlotha. Ngakho, akusiyena umuntu. NguNkulunkulu.

41 Futhi uma ngimele ngihlale phansi, futhi ngithathe isikhathi sokubhala phansi izinto engiMbone ezenza, kuyokwenza umthamo wezincwadi. Futhi ukucabanga ngakho lapha, iminyaka engamashumi amahlanu nantathu ubudala, futhi ngingasho phambi kukaNkulunkulu, iBandla laKhe, neBhayibheli, ebukhoni baleli qembu, ukuthi: Angikaze nakanye ngiKubone kwehluleka; ngokuphelele esikhonkosini, ngaso sonke isikhathi.

42 Ngaphandle kwalokho, ngolunye usuku lapho ngiza ngasentshonalanga. Niyidlalile iteyiphu, iningi lenu, ngiqagele, futhi niyaqonda. Angazi ukuthi yini. Ngilindile. Ngilapha manje. Angazi ukuthi kungani. Ngilindele nje.

43 Kungahle kube isikhathi sami sokuya ekhaya. Kubukeka kakhulu kakhulu ngaleyo ndlela. Uma kunjalo, kuzovuka omunye umuntu emva kwami, oyoqhubeka noMlayezo. Uyoba ngumuntu oyingqaba, kodwa uyovuka emva kwalokhu bese eqhubeka noMlayezo. Futhi kulaleleni. Inqobo nje uma kungumBhalo, hlalani nakho.

44 Uma kungenjalo, kuza enye ingxenye manje, ngokuba ngiyakholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina, futhi nginokubonga ukuthi ngiphile kulolusuku. Bengingeke ngashintshanisa ngalolusuku nganoma yiluphi usuku. Lolu ngusuku olukhazimula kunazo zonke olwake lwaba khona emhlabeni. Alukho olunye usuku olwake lwathatha lolusuku.

45 O, uMose wayeyokwenzani, u-Elija, uPawulu, uSilas, lawo maqhawe amakhulu okholo, ezinsukwini esezadlula, bengavuka futhi bathathe incwadi yomlando, futhi babuke ncamashi lokho ababeprofethe ngakho, kufezeka, futhi babone lapho sikhona manje na? Ngani, bebeyobafaka etilongweni, ehoreni. Impela. Bebeyoba njengamadoda asendle, phansi naphezulu ezitaladini, kakhulu nje ngakho konke abebengakuhamba, beqhumisa iVangeli. "Isikhathi sesiseduze." Bese-ke siyabona, kulobubusuku, ukuthi sisilalelwe kakhulu inkazimulo kaNkulunkulu.

46 Kodwa ngingathanda ukubuyekeza ngokuphuthumayo nje, ukuthi ukuthola ibandla . . .

47 Empeleni, ngabe uBilly Paul unikezelile ngamakhadi omkhuleko kulelibandla kulobubusuku na? Ngisanda kufika ngivela eTucson imizuzu embalwa edlule. [Omunye uthi, "Yebo."—Umhl.] U—uwakhiphile amakhadi. Manje, lokho kuzoba indlela embi kabi yokuzama ukubaletsa ngapha. Sizokuzama.

48 Angeke ngithathe isikhathi eside kakhulu, ukunikeza ubufakazi nje phezu kwalomBhalo.

49 Ukuthi, uKristu ugcina wonke amaZwi aKhe. Ufanele. Ufanele akwenze. Niyabo? Angidingekile ukuba ngikwenze; ngingofayo, obophezeleke emaphutheni. Ungongafi,

ongahluleki. Ufanele agcine elaKhe. Niyabo? Kodwa angidingeki ukuba ngigcine elami. Awudingeki ukuba ugcine elakho. Kodwa Uyakwenza. O, lokho akubeki into ethize kuwe, ukwazi ukuthi U—Ubophezeleke ngokuphelele kuleloZwi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

⁵⁰ Futhi kuleliviki, indlela esize ngayo eBhayibhelini, nalabo baprofethi kanye nokhokho, futhi isikhathi ngasinye kubonisa ukuthi lapho ibandla liqhele kulokho, uNkulunkulu wathumela omunye umuntu ezansi ngqo futhi wabazamazamisa babuyela ngqo kuleloZwi futhi, eqondisa ibandla. Bekuhlala kunjalo. Lowo ngumgomo kaNkulunkulu. Wakhetha abantu ukuba enze kanjalo.

⁵¹ Manje, ukube Wayekhetha izinkanyezi ukuba zishumayele iVangeli, ngabe kwenziwa kudala. Babengeke baphume entandweni yaKhe. Ukuba Wakhetha i—ilanga ukuba lilishumayele, noma i—imimoya ukuba ilishumayele, bebengasoze baphume entandweni yaKhe. Niyabo?

⁵² Kodwa sisezisekelweni zokuzahlulela ngokukhululekile. Singenza ngendlela esifuna ngayo. Futhi yingaleso sizathu ukuthi sibe ngubuhlungu benhliziyo kuYe. Njalo ngalendlela, futhi sifuna ukujovela izindlela zethu, futhi sidede endleleni yaKhe. Niyabo?

⁵³ Futhi ngi—ngishilo ngaphambilini, umuntu uhlala njalo edumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenzile. Futhi njalo usho lokho Azokwenza. Futhi-ke, ngesikhathi esifanayo, enganaki lokho Akwenzayo. Niyabo?

⁵⁴ Umuntu uzothi, “O, uNkulunkulu wavula uLwandle oluBomvu. Yebo. Udumo kuNkulunkulu! Kunjalo.” “Yebo, uJesu uyabuya futhi. Haleluya! Kunjalo.” Kodwa, khuluma ngaYe namhlanje na? “A, lokho kwakungokolunye usuku.” Niyabo? Niyabo? Njalo lokho Akwenzile, lokho Azokwenza, futhi enganaki lokho Akwenzayo.

⁵⁵ Leso yizimo ezifanayo uJesu Kristu azitholile ngenkathi Efika emhlabeni. Kunjalo impela. UNkulunkulu uthembise lokho Akwenzile. Futhi nakhu lapha Ayekhona, emi phambi kwabo, futhi abamazanga. “Wayesezweni, nezwe lenziwa nguYe, futhi izwe aliMazanga.” Kunjalo.

⁵⁶ “Kodwa abaningi abamaMamukela, labo Wabanika amandla ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu.” Leyo yingxenyekhazimulayo.

⁵⁷ Kwakuyisikhathi esithile esidlule, umbono omncane engingathanda ukukhuluma kini ngawo. Futhi angazi, ngingahle ukuba angizange ngiwusho kodwa nje kumuntu ngamunye ndawo ndawo. Kodwa ngi—ngisanda kulahlekelwa omunye wabantu abakhulu kunabo bonke kulomhlaba, kimi, umama wami.

⁵⁸ Futhi ngi—ngiyamthanda umama wami. Yeka ukuthi ngangimbona kanjani esuka etafuleni, lapho sasimpofu kakhulu, singenalutho ukuludla! Futhi yena . . . UPapa wayeza nesinkwa, lapho ayeshanyela khona isitolo, noma okuthize, futhi bayothululela ikhofi phezu kwaso, bese befaka ushukela phezulu kwalokho. Futhi umama wayenza sengathi wayengalambile, ukuze thina bantwanyana sibe nokuthile esingakudla. O, a—angisoze ngakukhohlwa lokho. Niyabo? Futhi izikhathi eziningi wayengiqukula, kanye nezinto angenzele zona. Kodwa, niyazi, uNkulunkulu u—ugcwele nje umusa. Uqonda zonke lezozinto, lapho Efanele abathathe. Futhi ngi—ngiyaMthanda ngakho.

⁵⁹ Bekuhlala kunjalo, ukuthi, ngaphambi kokuba nanoma yimuphi wabantu bakithi bafe, ngikubona ngaphambi kokuba kwenzeke, embonweni.

⁶⁰ Ngimbonile umfowethu, lapho ngangineminyaka eyishumi nesishiyagalombili kuphela, iminyaka eyishumi nesishiyagalolunye ubudala. Ngimbonile ngaphambi kokuba ahambe. Ngangingesiye ngisho umKristu, kodwa ngabona umbono ufika phambi kwami, ngabona umfowethu ehamba.

Ngibone ubaba wami ngenkathi ehamba.

⁶¹ UHoward, iningi lenu liyamkhumbula uHoward. “Howard,” niyangikhumbula, iminyaka emibili ngaphambi kokuba kwenzeke, ngathi, “Howard, ngibone indawo yakho imakiwe. Uyalandela.” Ngathi, “Lungisa, mfowethu, ngoba uzohamba ngokulandelayo.” Futhi wahamba, ncamashi nje. Futhi-ke, lapha isikhathi esithile esidlule . . .

⁶² Manje, ngithemba ukuthi lokhu akuzwakali kungukuthuka okungcwele, kodwa, ukukhombisa nje u—ukukhathalela kukaNkulunkulu. UNkulunkulu uhlala ekhathalela ngezinto ezincane, ngokufanayo njengezinto ezinkulu. Ngifuna ukusho lokhu ukuze kuzuze abanye balaba bashumayeli abakahle. Lokho kungaba . . . Futhi ngiziphonsela kukho.

⁶³ Manje, singa, sonke, njengokufana noBilly Graham, kodwa thina . . . Futhi sonke besingathanda ukufana no-Oral Roberts. Kodwa, thina, asisiye uBilly Graham noma u-Oral Roberts. Siyizinceku zikaNkulunkulu ensimini ukuthi Yena usibeke kuyo. Niyabo? Akunandaba ukuthi kuncane kangakanani, noma kukhulu kangakanani, kungokufanayo nje emehlweni kaNkulunkulu, kuhlala kufana, ukwenza kahle endaweni lapho ukhona. Njalo, kuyinto enhle ukulandela iNkosi.

⁶⁴ Ngingaqoka ukuzuza . . . noma ngihambe futhi ngibe nebandla elinabantu abangamashumi amahlanu kulo, entandweni kaNkulunkulu, kunokuhamba ngibe nezinkulungwane ezinhlanu ngaphandle kwentando kaNkulunkulu. Impela. UNkulunkulu angenza okuningi ngomuntu esentandweni yaKhe, ehoreni elilodwa, kunalokho Angakwazi ngomuntu ongaphandle kwentando yaKhe,

eminyakeni engamashumi amahlanu. Niyabo? Uyakhubeka futhi uyabhadazela, njengokudubula ebumnyameni. Kodwa uma umuntu esentandweni kaNkulunkulu ngempela, futhi azi ubizo lwakhe, umele ahlale lapho.

Futhi manje, imibono, ukuthi iNkosi uNkulunkulu isebenza kanjani ngayo. Ngi . . .

⁶⁵ “Ngenkathi Yena, uMoya oNgcwele esefikile, Uzokwembula lezizinto Engikhulume kini ngazo.” Manje, akukho sidingo sokuzama ukukucabangisisa, noma ngayiphi enye indlela. UnguMqambi. Ngokuqinisekile ubefanele azi lokho Akulobile. Niyabo? IBhayibheli lathi Wakuloba. “Ngisho amadoda asendulo, ahamba ngoMoya oNgcwele, aloba iZwi.” Futhi uma uMoya oNgcwele enguMqambi weZwi, ngokuqinisekile Uyakwazi ukuLihumusha kangcono kunalokhu senza. Makube nguYe oLihumushayo. Futhi niyazi ukuthi kanjani, indlela ALihumusha ngayo na? Manje, ningazigeji lezi zinto uma niza enkonzweni yokuphulukisa. Bhekani. Ningakugeji lokhu. ULihumusha kanjani na? Ngalokhu, ngokuLiqinisekisa, niyabo, aLenze libe njalo.

⁶⁶ Yilokho uJesu akusho. “Hlolani imiBhalo. KuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade; futhi YiYo efakaza ngaMi. YiYo ekhuluma ngaMi. Futhi ubani ongaNgilahla na? Ubani ongaNgimangalela ngesono na?” *Isono* uku “ngakholwa.” “Uma Ngingenzi imisebenzi eyalotshwa ngaMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kepha uma Ngenza imisebenzi, futhi ningaNgikholwa, khona-ke kholwani yimisebenzi, ngoba i—iZwi lakhuluma ngayo.” Niyabo? Lokhu kuyinto evamile nje, umqondo wansuku zonke.

Manje, uNkulunkulu, “Izipho nokubizwa kungaphandle kokuphenduka.” Siyazi iBhayibheli lisho lokho. Bayakwenza.

⁶⁷ Sekube cishe, cishe impela iminyaka emibili manje. Ngangi . . . Ngokunye ukusa ngangihamba e—endlini, futhi ngangikade ngihlezi esihlalweni. Manje, lokhu kubonakala kungokungajwayelekile, ukuthi uNkulunkulu uyofaka nesilwane. Njengomunye umfowethu oligugu, kulowo mbono weZulu, ngalokho kuthwalwa okuncane engaba nakho; ngikholwa ukuthi ngranitshela ngakho, kanye, noma omunye umhlangano. Wangibhalela incwadi ngolunye usuku, futhi wathi . . . IBusiness Men’s Voice ikuqukethe. Wathi, “Kwaku . . . umbono wakho wawulungile, Mfowethu Branham, ukuguqulwa kwakho. Kodwa, lalela, wawulungile kwaze kwaba uthe ihhashi lakho, owake waligibela, liza libeke ikhanda lalo ehlonbe lakho.” Wathi, “Akukho mahhashi eZulwini, Mfowethu Branham. IZulu lenzelwa izidalwa ezingabantu, hhayi amahhashi.” Awu, ngacabanga . . .

⁶⁸ Awu, ngokuvamile, ubona noma ubani onjalo, ufanele uchaze konke, bazama nje ukucosha okuthile. Niyabo?

Awukwazi ukuchaza uNkulunkulu, empeleni. Umele ukuba uMkholwe nje.

⁶⁹ Kodwa kungahle kumduduze. Ngathi, “Mfowethu, angikaze ngithi ngangiseZulwini. Embonweni, ngabuza uJesu, futhi bathi Usengaphezu kwalapha. Ngangisesimweni esifana neparadesi. Kodwa, ukuze kukusize, iBhayibheli lathi, encwadini yeSambulo, ukuthi, ‘UJesu wavela emaZulwini amazulu, egibele ihhashi elimhlophe. Futhi onke abamabandla aseZulwini ayeMlandela, ephezu kwamahhashi amhlophe.’ Ngakho kufanele kube khona amanye phezulu lapho emaZulwini ezulu.”

⁷⁰ UNkulunkulu ukhathalele konke. Ukhathalele izinto ezincane ozenzayo, noma izinto ezinkulu ozenzayo. Ukhathalele ukuthi uwunakekela kanjani umhlambi wakho omncane, noma wena omunye umfo uwunakekela umhlambi wakho omkhulu. Ukhathalele.

⁷¹ Ngesinye isikhathi esedlule odumile, umfowethu okahle, sasisezansi e—i...sidoba endaweni. Ngangingena, ngivela emihlanganweni, ngangiphumule. Sasikade sidoba ngeminenke, futhi sabamba inqwaba enhle yezinhlanzi. Futhi ngalobobusuku sasigijimisa umqhuqho wethu wosinga, futhi saphelwa okokucupha odobeni. Leyithi ntambama, ngaphuma ukuyobamba amanye ama-bluegill amancane, lababafo abancanyanyana. Akukwazi...Amakhulu ongawadla, kodwa lena yinhlanzi encane yokucupha. Ngaphonsa usinga phakathi, usinga lokudoba, ngangizibamba, ngizifake ebhakedeni.

⁷² Futhi iNto ethile yangishaya, ngihlezi phezu kwalesi sikebhe. Lo mfana wayekade enguFakazi kaJehova, futhi umfowabo wayesanda kusindiswa futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, futhi ngakho abafana ababili wayenathi. Futhi njengoba ngangisabamba lezi zinhlanzi, sonke, iNto ethile yangishaya. Ngathi, “Uyazi, kuzoba khona uvuko lwenye impilo, njengesilwane esincane.” Awu, isilwane esincane na?

⁷³ Manje, iningi lenu liyakhumbula ngokuhamba ngaphambili kweZwi, okwathi, “Kuyoba nomfana omncane owayezobuya kwabafileyo, wayekade eshaywe yimoto.” UMfowethu Jack Moore unami kulobobusuku, owayengale eFinland ngenkathi lokho kwenzeka. Niyabo? Abaningi benu lapha bayangikhumbula ngikuxoxa ngapha, niyabo, nganitshela ukuba nikubhale ebhukwini lenu. Qaphelani.

⁷⁴ Futhi uMfowethu Wood waphenduka, uMfowethu Banks Wood, lowo mfana wakhe owaphulukiswa, enovendle. Futhi waphenduka wayesethi kumfowabo, “Qaphela nje. Kukhona okulungela ukwenzeka.” Ngangiqhubeka nokubamba inhlanzi, niyabo. Ngakho-ke sacupha usinga lwethu ngezinhlazi.

Ngalobo busuku asibambanga lutho.

⁷⁵ Ngokusa okulandelayo ngathi, “Kwakukhona abanye, abaningana, i-bluegill laphaya.”

76 Wathi, “Yisho, empeleni, awushongo ukuthi kuzoba khona uhlobo lovuko lokuphila na?”

Ngathi, “Yebo.”

77 Ngiyanitshela, ngenkathi sengihambile ekhaya, babe... Intombazane yami encane... Siwuhlobo lwe... Nina bantu ningabathola uma nibafuna, manje, niyabo, kodwa ngiyalesaba ikati. Futhi ngakho-ke a—angi wuthandi nje lowo muzwa wenkolelo-ze oyithola ngakuwo. Futhi ngakho-ke asinawo ngapha endlini, futhi—futhi ngikholelwa ukuthi ikati liyaqonda ukuthi ngiyalesaba. Ngakho, ubaba wami wayewesaba amakati. Ngakho, khona-ke, amantombazanyana ami ayazi ukuthi angabinawo amakati ngalapho. Futhi encane... .

78 Intombazane yami encane yahamba yehla ngendledlana nenye intombazanyana, futhi yabuya, konke ukudangala ebusweni, futhi yathi, “Babayi?”

Ngathi, “Ufunani, sthandwa na?”

Yathi, “Into enyantiso yenziwe.”

Ngathi, “Kuyini na?”

Yathi, “Ukuba kuphela bewazi nje!”

Ngathi, “Awu, ngitshele.”

79 Yathi, “Omunye umuntu ulahle ikati elidala bandla, ezansi ngendledlana lapha.” Futhi yathi, “Into isicishe ilungele ukufa, ihamba kalukhuni.” Futhi yathi, “Babayi, awunankinga uma silondla futhi silinakekele na?”

80 Ngathi, “Impela qhabo. Uma ufuna ukulondla, qaphela nje. Ungalivumeli likuklwebhe.” Ngathi, “Ake ngilibone ikati.”

81 Ngakho lapho beletha ikati ngapha, ngathola ibhokisi, futhi, kusobala, ngokusa okulandelayo sasesinaso sonke isigejana semithinyana.

82 Futhi-ke, ngakho, umfana omncane—omncane wami, ngenkathi ngisuka ngihamba, uJoseph omncane, wayewabhekile. O, wacabanga ukuthi ayebukeka kahle, niyazi, ekhwela nxazonke, niyazi. Futhi—futhi ngakho uthola elilodwa esandleni sakhe; walicindezela waliqinisa kakhudlwana, futhi waliqathaza kukhonkolo. Umfo omncane uqala ukuphenduka, ezungeza. Ngacabanga “O, he!”

83 Futhi ngacabanga, “Awu, manje, lokho kungahle kube yilowo mthinyana omdadlana, lapho ngibuyela ekhaya.” Niyalukhumbula udaba lwenyamazane i-ophusamu. Ngacabanga, “Awu, kungahle kube yilowomthinyana.” Ngakho-ke sasihlezi emuva ensongeni encane, sidoba, futhi sasibamba lama-bluegill awusayizi omuhlanganyana khona-ke, siphonsa abancane emuva.

84 UMfowethu Lyle, umfowabo kaMfowethu Banks, wayedoba ngenduku yokudoba enosinga, ihhuka elikhulu kakhulu,

efake isigejane esikhulu semisundu. Uvumela leyo bluegill endadlana igwinye lelohuku kuze kuyothi ngqu esiswini sayo esincane. Futhi lapho eyidonsa, wathi, “Manje, ngifisa sengathi ubungabuka *lapho*,” cishe nje *lobo* bude. Futhi nje u. . . Akakwazanga ukukhipha ihhuku, ngiqagele. Ayikho enye indlela; ukuvele unqamule intambo. Futhi wayefuna ukugcina ihhuku lakhe. Ngakho wavele wadonsa izeziphefumulanhlanzi, isisu nakho konke, kwaphuma kuyo, *kanjalo*, wase eyiphonsa ngale emanzini. Futhi ya—yadledlezela kathathu noma kane futhi yalala lapho nje. Wathi, “Uhlabe isiswenya sakho sokugcina, mfo omncane.”

⁸⁵ Ngathi, “Lyle, lapho iqala ukudla. . . Thola ihhuku elincanyana kunalelo. Uma iqala ukudla, thatha lenduku yokudoba elele lapha, futhi lapho nje iqala ukudla, ibambe. Uyabo? Ngaphambi kokuba ilifake futhi iligwinye, ilibambe emlonyeni wayo.” Ngathi, “Lowo ngumdlalo wokuzibamba.”

⁸⁶ “A,” wathi, “ngizogeja,” futhi waqhubeka nje. Futhi wazama izikhathi ezimbalwa, futhi wageja cishe kathathu noma kane. Wabeka into phansi, wathi, “Ngizoyiyeka nje iligwinye futhi.”

⁸⁷ Ngakho lenhlanzi encane yantanta yazungeza emanzini lapho okwesikhashana, o, ngiqagele, imizuzu engamashumi amathathu. Namagagasi aqala ukuphakama futhi angene.

⁸⁸ Ngathi, “Awu, sizodingeka sihambe maduzane impela nje. Sinebhakede manje, ngakho sizodingeka sihambe.”

⁸⁹ Futhi ngasukuma, ukuze ngiyiphonse ngiyiphindisele emuva ngaphezu kwamaqabunga omnduze, futhi ngiwudlukuze. Kwakukhona ezinye ezinezisu ezibomvu emuva lapho. Ngakho ngaqala, ngikhipha i—i—isicupho emacembeni, niyazi, ukusiphenduphendula phezu kwecembe, futhi ngikudlukuzisa kuphume, njengoba nina bafu nabesifazane nazi ngokudoba.

⁹⁰ Futhi lapho sengiqale ukwenza lokho, khona manjalo, Okuthize kwafika kwehla ngakulawo magquma, njengoMoya uthululeka. Futhi Wahamba phezu kwami. Ngaqathaza induku, ngase ngisukuma esikebheni. Ngaqalaza. Ngezwa iPhimbo lithi, “Uyayibona leyo nhlanzi encane na?” Futhi nanso lapho yayikhona, ilele lapho.

⁹¹ Ngathi, “Uyayibona inhlanzi encane na?” njengoba Wayekushilo nje. Lapho izigwedlo zawo ezincane zazigongobele, futhi yayilele phezu kwamanzi ingxenye yehora. Futhi leliBhayibheli libekwe livulekile manje. Niyabo?

Futhi Wathi, “Khuluma kuyo, futhi uyibuyisele impilo yayo.”

⁹² Futhi ngathi, “Nhlanzi encane, eGameni leNkosi uJesu, ngikubuyisela impilo yakho.”

⁹³ Futhi lawo madoda emile, ebukela. Leyo nhlanzi encane yaphenduka ngomhlane wayo, futhi yaya phansi emanzini. Bathi

ukuquleka. ULyle wahlamba ubuso bakhe emanzini. Wathi, “Ngizovuka emva kwesikhashana.” Wathi, “Ngi—ngiyazi ukuthi ngiyaphupha.”

Ngathi, “Awuphuphi.”

⁹⁴ Futhi ngesikhathi esifanayo ngqo, ngiqagele ngibenakho, ohlwini lomkhuleko, amashumi amathathu noma abantwana abangamashumi amane abaphethwe isifo esikhubaza isicubu. Nokuthi uNkulunkulu wayezungeza kanjani, kulabo bantwana abaphethwe isifo esikhubaza izicubu, futhi avuse leyo nhlanzi encane, kuvele kubonise ukuthi Ukhathalele yonke into.

⁹⁵ Kungani Wayesebenzisa amandla aKhe ukuqalekisa umkhiwane, lapho kwakukhona izinkulungwane zabanochoko ezweni na? Futhi Wabadlula labo abanochoko futhi baya ngale futhi waqalekisa umkhiwane. Futhi wathi, “Akekho odla kuwe,” nomkhiwane wabuna. Wasebenzisa amandla aKhe, ebonisa ukuthi ukhathalele izihlahla. Ukhathalele inhlanzi.

⁹⁶ Ukhathalele wena. Ukhathalele mina. Futhi Ukhathalele ukubona iZwi laKhe libonakalisiwe, futhi Uthembele kithi ukuba sikwenze, ngoba siyizithunywa zaKhe. Akukho lutho kithi. NguYe; sizinikela thina uqobo futhi sihamba naYe.

⁹⁷ Ngabona umbono ngalokho kusa. Ngabona isilwane esikhulu silele ohlangothini lwegquma. O, sasinesethi yezimpondo ezinkulukazi. Ngangisohambweni lokuzingela kulombono, cishe ngehora leshumi noma leshumi nanye nqo emini. Futhi nganyelela ngale futhi ngadubula isilwane.

⁹⁸ Kwase kuthi-ke endleleni ebuyayo, elikhulukazi, ebhere elikhulu elimpungana liphakame libhekene nami, futhi ngalidubula.

⁹⁹ Futhi-ke ngababona bethatha izimpondo, futhi isandla esincane sifinyelela futhi sithola uphondo, sabeka iteyipu kulo. Lalingangamayintshi angamashumi amane nambili, kusuka phezulu komshayo kuya phezulu kophondo, amayintshi angamashumi amane nambili ukuphakama. Angikaze ngibone noma yisiphi isilwane esinjengaso, ameva amakhulu kakhulu ezimpondweni zaso. Futhi, nokho, sasibukeka njengenyamazane idiye, kodwa kuyi, o, he, senza amabili noma izinyamazane ezintathu idiye. Angikaze ngibone noma yini efana naso.

¹⁰⁰ “Awu,” ngathi, “mhlasi-ke kuzokwenzeka ngelinye ilanga. Ngizokubhala phansi nje.”

¹⁰¹ Ngehlela eKentucky nomngane wami, futhi uMfowethu Miner Arganbright wangibiza, wathi, “Mfowethu Branham, ngabe umatasa na?”

¹⁰² Ngathi, “Akukubi kakhulu.” Ngathi, “Bengikweyami... Nginamaviki amabili manje. Ngiseholidayini elincane.”

103 Wathi, “Gijimela enhla eCanada, e-Alaska, kanye nami. Sifuna ukuhlela umkhandlu weBusiness Men e-Anchorage futhi nangale eFairbanks.”

Ngathi, “Kuzwakala kulungile, uma ngingathola isikhathi sokukwenza.”

104 Wathi, “Awu, Mfowethu Branham, uma uzokwenza, ngikutshela ukuthini, sizokunikeza ukuzingela okuhle ibhere elimpungana.”

105 Ngacabanga, “O, lokho kuzwakala kahle.” Ngacabanga, “O, o, kukhona umbono. Niyabo, yilokho-ke.”

106 “Ukuzingela okuhle ibhere elimpungana,” ngathi, “lokho kuzwakala kukuhle. Angikuhambeli lokho. Kodwa, sisephezulu lapho, futhi abanye babaqaphi bafuna ukungikhipha, mahhala, ngizojabula ukuhamba.”

Ngakho, wathi, “Awu, bona, bazokwenza. Sinakho kulungisiwe.”

Ngathi, “Awu, manje linda. Ake ngikukhulekele.”

107 Futhi ngenyukela emahlathini ngalolosuku, futhi ngaso sonke isikhathi ngikhulekile, ngaya kude le, ngaso sonke isikhathi, ngaqhela ngokuphelele kukho. Ngacabanga, “Lokho kuxakile.” Futhi izinsuku ezimbili emva kwalokho, ngafonela uMfowethu Arganbright. Ngathi, “Qhabo.”

108 Wathi, “Mfowethu Branham, sihlela izinto nje.”

109 Ngathi, “Ungakwenzi. UMoya oNgcwele ukwalile.” Ngamtshela umbono. Ngathi, “A—angazi, Mfowethu Arganbright, kodwa kuyaxaka. Kodwa ngeke Angivumela ngikhuphukele lapho, futhi, nokho, kuzwakala sengathi lokho—lokho bekuyoba yindawo.”

Futhi wathi, “Awu, manje, sonke silungele ukuhamba.” Ngase ngithi . . .

110 Manje, abaningi benu bazombona uMfowethu Arganbright. Uza lapha manje, ukulungela nami, ukuya phesheya kwezilwandle emva kwalomhlangano. Futhi ngakho ningambuza indaba. Ngakho sathi . . .

Ngathi, “Qhabo. Angikwazi nje ukukwenza. UMoya oNgcwele ungitshela ukuthi ngingakwenzi.”

111 Kungcono ukulalela, kungakhathaleki ukuthi kungakanani, kubukeka kukuhle kanjani. Ngizoshumayela ngento ethize efana naleyo kusasa ebusuku, iNkosi ithanda. Ngakho manje, khumbulani, kungakhathaleki ukuthi kubukeka kukuhle kanjani, uma uNkulunkulu engekho kukho, deda kukho. Kungakhathaleki ukuthi kubukeka kukhanga kanjani, deda kukho. Kuchuma kanjani, deda kukho uma uNkulunkulu engekho kukho. Deda kukho. Manje sizokhuluma ngalokho kusasa ebusuku, iNkosi ithanda.

112 Manje, khona-ke ngenkathi sengiye ekhaya, uBilly wathi kimi, indodana yami, wathi, “Babayi, uyamazi lowo mzingeli owaya kozingela naye ngentwasahlobo edlule enhla lapho, ogama linguSouthwick na?”

113 “O,” ngathi, “phezu kwe. . . e. . . ngezansi kweYukon lapho na?”

Wathi, “Yebo.”

Wathi, “Unencwadi iletha lapha ya—yakho.”

114 UnguMfowethu Eddie Byskal, oyinhloko ye—yehlango yabefundisi balelozwe lasenyakatho-ntshonalanga phezulu phakathi lapho, umfana okahle kakhulu, mhlawumbe lapha kulo mhlango. Uhlela ukuza ngapha ngalesisikhathi. Umfana omncane okahle, futhi unomndeni omuhle. Uyi—uyisithunywa senkolo enhla lapho manje kumaCree, amaNdiya angamaCree. Futhi nganginaye nje ekwindla edlule kwase kuthi, noma ihlobo eledlule, njalo.

115 Khona-ke yena, u-Eddie, wayefuna ukungiwelisela kwaBud, okwakungomunye wabaphendukela kuKristu bakhe. Umkakhe wayeyiPentecostal lokuqina. UBud wayengumfuyi omkhulu, futhi usanda kungena nje. Kodwa wabeliwe, lapho baxosha khona amaNdiya futhi bawabeka esabelweni, umhlaba omkhulu wokuzingela. Cishe isithupha. . . O, ngicabanga ukuthi wathola cishe isikwele esingamamayela angamakhulu amathathu, noma ngaphezulu, ukuzungeza ngaphakathi lapho, okomhlaba abelwe wona nguhulumeni waseCanada.

116 Awu, leyo ntwasahlobo, ngenkathi ngisenhla lapho, sahamba sizingela amabhere emva komhlangano, kodwa lapho si. . . ngoMeyi, kodwa isiphapho esineqhwaza seza futhi sasivalela. Cishe sasine. . . Wayengakaze ezwe nganoma yini mayelana nemihlangano, futhi u-Eddie wayelokhu ethululela kuye gomhlangano.

117 Futhi wathi, “Awuqondile ukungitshela ukuthi, namhlanje, ukuthi uNkulunkulu Uyazibonakalisa, futhi ukhombisa izinto ezizayo ngaphambi kokuba kwenzeke na?”

U-Eddie wathi, “Kunjalo impela.”

118 Ngakho wayelokhu ekhuluma nami. Wathi, “Uyazi, nginomfowethu onesithuthwane.” Wathi, “Uma nje ungafinyelela kulowo mfowethu!” Wathi, “Ngiyakholwa, uma ngingaze ngimlethe komunye wemihlangano yakho, ngikhulwa ukuthi ubeyophulukiswa.” Ngathi. . . Wathi, “Ubenaso yonke impilo yakhe.”

Ngathi, “Mhlawumbe kunjalo.”

119 Awu, akubi mnyama enhla lapho ngaleso sikhathi sonyaka, niyazi. Ilanga liyashona nje, futhi lithole. . . O, ungakwazi, noma nini, phakathi kwamabili, ngehora lokuqala nqo, ungama nje futhi ufunde iphephandaba, noma nanoma yini, niyabo. Futhi

cishe—cishe ingxenye yokugcina kaMeyi ilanga alishoni neze. Lifaka isihloko kancane nje, selicishe ukuba alisekho, cishe imizuzu eyishumi, futhi liyabuya. Ngakho-ke silala phansi noma nini lapho sesikhathele.

¹²⁰ Futhi khona-ke endleleni ephumayo, sahlangani nesigejane samaNdiya. Futhi, o, ngithole inhloko endala emuva lapho. Bamvumela ukuba ahlale lapho ngoba ube nezingane ezimbili. Bafaka izingane zabo emgoqweni, abathandekayo babo. Olunye uhlobo lwenkolo. Futhi babalengisa emthini, ngakho nje bavumela lowo mndeni ukuba uhlale lapho. Umfo omdala okahle, osedlulile eminyakeni engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, ehlezi phezulu ehhashini lakhe eligitshelwayo kahle kakhulu njengomunye wabafana bakhe.

¹²¹ Futhi ngakho-ke sahamba ngosuku olulandelayo. Wathi, “Akukho ndlela ngaphesheya manje. Khuphukelani ngale kwezintaba nangalendlela.” O, kwakungamanye amakhulu amamayela, ukunqamula umzila. Ngakho, asikwazanga ukwenza lokho. Kwase kuleyithi kakhulu. Saqala ukuphindela emuva.

¹²² Futhi endleleni ebuyayo, uBud unezintambo zamahhashi asemancane, futhi ezinye zazo zehlela phansi exhaphozini nezinto. Futhi ngangihamba ngalapho, ngikhuluma, u-Eddie nami. Futhi uBud wayekhwele ihhashi eliholayo, ezama ukuphuma. Sasinekhanda elingamashumi amabili nanye. Futhi nganginentambo kwelinye, ngalikhapha. Futhi ngokushesha nje lapho ephuma, khona-ke ihhashi lami eligitshelwayo langena. Futhi nakhu la ngangikhona, ngiphuma laphaya. Futhi nganginodaka, niyazi. Emizuzwini embalwa, ngasukuma ehhashini lami, futhi ngasula udaka ezimpahleni zami zokugqoka, *kanjalo*, ngasuka.

¹²³ Futhi ngqo ngaphambi kwami, ngaphesheya kwalelo gquma lapho, kuza insizwa. Ngayibuka. Ngabuyela esihlalweni sami sehhashi ngase ngimisa ihhashi lami. Futhi ngayibona iwa ngenxa yokudlikiza, iphinda phinda, futhi ikhahliza amagwebu, futhi yangazi lutho ngempela, futhi nje idabula yonk’into. Yabe isithula-ke. Ngibone insimbi yomlilo yokuhlanganisa umlilo endala. Ngibone ihembe layo livutha.

¹²⁴ U-Eddie wayengaphambi kwami cishe ingxenye yendlu yasedolobheni, ezama ukuthola elinye ihhashi. Ihhashi eliselincane ligijima liphuma emzileni, lifinyelela ngale phakathi lapho, limxosha, lipilinga. Ngakho-ke ngigijimela enhla lapho ku-Eddie. Sathulisa ihhashi. Ngathi, “Eddie, ngino ISHO KANJE INKOSI ngoBud.”

Wathi, “Mfowethu Branham, kwenzekeni na?”

Ngathi, “Umbono. Ngimbonile umfowabo.”

Wathi, “O, mthole.”

125 Ngathi, “Bamba ubuyisele amahhashi emuva. Ngizoqhuba elami futhi ngiye phambili, ngigijime ngakulamahhashi, ngibone uma ngingawathola futhi ngiwabambe ancike ohlangothini lwegquma.”

126 Ngigijima ngaseweni, *kanje*, nelami...ehhashini lami. Ngalifuqa laphakama, ngase ngenyukela lapho. Ngase ngibeka isandla sami phezu kwesihlalo sehhashi. Ngathi, “Bud?”

Wathi, “Yebo, Mfowethu Branham.”

127 Ngathi, “Ngifuna ukukutshela okuthile. Umfowenu...” futhi ngamchaza.

Wathi, “Yebo. Ubani okutshelile na?”

Ngathi, “Akukho muntu. INkosi ingikhombisile yena nje.”

Ngathi, “Uzongikhulwa njengenceku yaKhe na?”

Wathi, “Ngokuqinisekile, Mfowethu Branham.”

128 Ngathi, “Thumela ezansi,” cishe—cishe amamayela angamakhulu ayisishiyagalombili ubuyela emuva umpucuzekweni, “thola umfowenu ukuba eze lapha. Futhi okokuqala uwela kokunye kwalokho kudlikizela...” Ngathi, “Ube nalokhu kusukela cishe eseneminyaka emibili ubudala. Ungahle ungakukholwa, kodwa kuwufuzo. Umkhulu wakho wayenakho.”

Wathi, “Manje, lelo yiqiniso. Kunjalo.”

129 Ngathi, “Manje, lapho lomfana enalokhu ukudlikiza, dluthula ususe ihembe emhlane wakhe bese uliphonsa emlilweni, bese uthi, ‘Lokhu ngikwenza eGameni likaJesu Kristu, ngokweZwi laKhe.’ Ngeke abe nokunye, inqobo nje uma ezokukholwa.”

130 Wavele waphakamisa izandla zakhe, waqala ukukhala kakhulu. Wathi, “Angikaze ngikubone kwenziwa, kodwa ngokuqinisekile ungitshelile nje ukuthi umfowethu wayebukeka kanjani, futhi wangitshela iqiniso ngomkhulu wami.”

Ngathi, “Kunjalo.”

131 Ngemva kokuba sesihambile, wathumela futhi wathola umfowabo. Futhi wayephuma ukuyosika umzila ngalokho kusa. Lapho, eza ekhuphukela ebhasini, ekhuphuka; uyasedlula, kabili noma kathathu ngeviki, phansi naphezulu emgwaqweni omkhulu wase-Alaska. Ufika ngapha.

132 Futhi unkosikazi kaBud, uLila, uyintwanyanyana nje, owesifazane omncane, ethi ukuba mkhulu njengesigaxa sensipho emva kokuba iwashingi yomndeni seyenziwe ngaso. Nje omncane...Unabantwana abahlanu, nowesifazane omncane onomoya omuhle.

133 Futhi ngakho uBud waphuma ukuyolungisa amahhashi akhe, ngoba uzosika umzila, ukuze sikwazi ukubuyela kulokho nabazingeli bakhe.

134 Futhi kwathi nje lapho esehambile, awu, umfowabo phakathi lapho, engakazikhumuli izingubo zakhe zokugqoka ezinhle, wabanjwa ukudlikiza. Futhi babekhempe enkomponi endala, lapho amaMelika, ngenkathi ayakha umgwaqo omkhulu, ayenayo lapho. Futhi ngenkathi... Babenensimbi yomlilo yokuhlanganisa umlilo enkulu endala njengesitofu. Futhi uLila omncane... Waba—waba nokudlanga ngenkathi ethola leyo milingo. Futhi wayemesabela ukufa, futhi wayesula iwindi, enye into ethize, isuke endleleni. Kodwa waqala ukugxuma aphume, futhi wacabanga ngalokho okwakushiwo. Wayekade ekomunye wemihlangano, ezansi eDawson Creek.

135 Uphuthuma ngaleya futhi ugxamalazela lomfo omkhulu, udluthula lelo hembe lisuke emhlane wakhe, ekhala, izinkinobho nakho konke, ihembe lakhe elimhlophe, wahamba waya ngale esitofini, wayesethi, “Lokhu ngikwenza eGameni leNkosi uJesu, ngokweZwi leNkosi esitshelwe lona.” Futhi akakaze abe nokukodwa kusukela ngaleso sikhathi. Lokho kwakuxazulula.

136 Ungithumele ukuba ngize, ukuzingela kwamahhala. Futhi ngihlale ngibheke lezo zinto zamahhala, niyazi. Ngakho ngacabanga... “Awu,” ngathi, “Ngizohamba. Ngizobona uma iNkosi ingivumela ngihambe.” Ngakhuleka. Futhi kungengaphezu nje kokukhuleka, konke kuhamba ngqo ngaleyondlela.

137 Ngathatha uMfowethu Fred Sothmann. Ulapha ndawo ndawo emhlanganweni. Ukuphi, Fred na? Nakhuya. Ya. Ungomunye wabaphatheli bebandla lethu. UMfowethu Fred uyazi ukuthi lokhu kwashiwo izinyanga ezintathu ngaphambi kokuba kwenzeke. Ngabe kunjalo, Mfowethu Fred na? Futhi, ngiyaqagela, uMfowethu Simpson. Bangaki osesakhiweni kulobubusuku owaziyo ukuthi, ngaphambi kokuba kwenzeke, kwashiwo na? Phakamisani izandla zenu. Nakho lapho ukhona. Futhi kwashiwo phambi kwebandla, khona kanye okwakuyokwenzeka. Awu, angizange ngazi ukuthi yilesi sikhathi.

138 Ngakho ngenyukela e—emgwaqweni omkhulu wase-Alaska, futhi uMfowethu Fred wama kwamngane, ukuba ayozingela inyamazane enezimpondo eziyinxakanxaka. Kukude kakhulu emuva lapho enyamazaneni enezimpondo eziyinxakanxaka. Ngakho siphezulu ezweni lezimvu, lapho sasiya khona. Futhi ngakho-ke si... ngathatha u—ucezu lukashoki noma udoti, futhi ngadweba iwindi langaphambili emotweni. Ngathi, “Manje, Mfowethu Fred, ngakho-ke uma lesi kuyisikhathi, uzokhumbula kahle impela okuzoba yikho.” Futhi uyakukhumbula.

139 Ngaqhubeka ngenyuka. Ngalobo busuku lapho sesingene ekamu, uBud wathi, “Mfowethu Branham!” Wangisingatha futhi wagxuma phansi naphezulu, ekhuluma ngezilimi futhi empompoloza, niyazi. Wathi... Futhi lokho, ikhawa elidala

elimahhadlahhadla, futhi. Futhi u—udumisa uNkulunkulu nje. Wathi, “Uyazi ukuthini, Mfowethu Branham? Umfowethu akakaze abe nokudlikiza kusukela ngaleso sikhathi kuqhubeke. Uphila saka futhi uyaphila, unyaka ngaphambili.”

¹⁴⁰ Ngathi, “Inqobo nje uma ezokukholwa, kuzoqhubeka ngaleyondlela.” Futhi ngathi, “Manje mtshele ukuba anikele ukuphila kwakhe kuKristu, futhi akhonze Yena zonke izinsuku zokuphila kwakhe. ‘Hamba ungabe usona, noma okubi kakhulu kuza phezu kwakhe.’ Niyabo?” Ngathi, “Mtshele enze lokho manje.”

¹⁴¹ Ngakho ngathi, “Nginomunye umbono,” futhi ngamtshela ngombono. Ngathi, “Manje, kwakukhona abafa abathile abancane bekanye nami. Besisohambweni lokuzingela. Babengamadoda amancane. Futhi enye yawo yayinelikuhlaza, igqoke ihembe eliyisikoshi.”

¹⁴² Futhi wathi, “Awu,” wathi, “Mfowethu Branham,” wathi, “Anginalo eliluhlaza, ihembe eliyisikoshi.” Umfana wakhe, uBlaine, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili, wathi akanalo ihembe eliluhlaza eliyisikoshi.

¹⁴³ U-Eddie Byskal, omunye umfo omncanyanyana, osinda cishe amaphawondi ayikhulu neshumi, wathi, “Anginalo nelilodwa futhi, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Awu,” ngathi, “manje, isilwane . . .”

Wathi, “Kwakuhlobo luni lwesilwane na?”

Ngathi, “Kwakubonakala njengenyamazane idiye.”

¹⁴⁴ Wathi, “Akukho nyamazane idiye phezu lapha. Lokhu kuphakeme kakhulu.” Wathi, “Mhlawumbe kwakuyinyamazane inyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni.”

Ngathi, “Idiye elinesiphekepheke ezimpondweni linepaneli.”

Wathi, “Kunjalo.”

Ngathi, “Lena yayinameva.”

¹⁴⁵ Wathi, “Awu, Mfowethu Branham,” wathi, “siya ezweni lezimvu, hhayi izwe lezinyamazane idiye noma noma yini enjalo.”

¹⁴⁶ Ngathi, “Awu, mhlawumbe olunye uhambo. UMfowethu Arganbright . . . Kungahle ukuba bekuse-Alaska ndawo ndawo,” ngathi, “ngoba kwakungelikhulukazi, ibhere elikhulu elimpungana.”

Wathi, “Lwaluhlobo luni lwebhere elimpungana na?”

Ngathi, “Ibhere elimpungana elinomhlwenga oyisiliva.” Lelo ngelidume kakhulu kuwo wonke.

¹⁴⁷ Wathi, “Ngingumqaphi. Ngibe kulamahlathi lapha yonke impilo yami. Angikaze ngibone ibhere elimpungana

elinomhlwenga oyisiliva.” Wathi, “Ngibone ibhere elimpungana elijwayelekile elidala. Kodwa,” wathi, “Angikaze ngilibone ibhere elimpungana elinomhlwenga oyisiliva, angikaze ngibone nelilodwa empilweni yami.”

¹⁴⁸ Ngathi, “Awu, akhona, elilodwa ndawo ndawo, futhi ngizolithola.”

Wathi, “Ngizothi lelo yiqiniso.” Wathi, “Ngizosho lokho.”

¹⁴⁹ Sasuka sahamba, izinsuku ezintathu kamuva. Senza uhlaka lwekamu, phezulu ngenhla kwe-timberline.

¹⁵⁰ Futhi Nkulunkulu ngisize, uma behlala ngaleyondlela kuze kufike isikhathi seMinyaka eyinkulungwane, ngivumele ngihlale lapho ngesikhathi seMinyaka eyinkulungwane. Ngiyathanda nje ukuhlamba kuleyomvelo lapho. O! Noma ubani obengembone uNkulunkulu lapho, u—uyimpumpu, isithulu, nesimungulu. UkuMbona nje eZibonakalisa kulezo ezinkulu, izintaba ezinkulukazi! O, he! Utwa lubizana notwa, khona-ke, futhi phezulu lapho nje ngesikhathi esikhazimulayo.

¹⁵¹ Ngakho senyukela entabeni eyodwa. Umele nje uhambe ngokuqondile, *kanjalo*, ukuba uyikhuphuke. O, akukho muthi wamapulangwe, nje inyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni yikho konke okubonayo. Sibone cishe ikhanda lezimvu angamashumi amathathu noma amane. Zazingenkulu ngokwanele ukuba sizithathe. Kwakungamarawondi angohhavu amancane nje, kanye namakota amathathu amarawondi. Ngi—ngangifuna eyodwa enkulu ngokwanele ukuba ngiphume nayo, ngakho ngiya emuva kakhulu kangako. Ngakho thina... ngabuyela ezansi.

¹⁵² Futhi ngosuku olulandelayo saqala ngaphesheya, futhi u-Eddie wawela emanzini ngenkathi eqala ukugxumela ngaphesheya, efake ipheya elikhulu lezicathulo.

¹⁵³ Ekhuphuka ohlangothini lwentaba, uBud wama futhi wathi, “Awunginike izingilazi zokubuka zakho, Billy.” Ngimnika izingilazi zokubuka.

¹⁵⁴ Sasihamba ingxenye, futhi sikhulume ngeNkosi, futhi simemeze, futhi sigijime phansi naphezulu ohlangothini lwegquma, nje sinesikhathi ekhazimulayo. Kuhle ukuhamba, uhambo lokuzingela, uma uhamba nabazalwane.

¹⁵⁵ Futhi ngakho wathatha izingilazi zokubuka zami. Wathi, “Mfowethu Branham, nanso inqama yakho. Kunezithi azibe isishiyagalombili zazo zilele cishe amamayela ayisithupha, khona lapho phezulu kuleso esinye esiqongo. Zibuke. Uyazibona ndawonye na?”

Ngacosha. Ngathi, “Ngizothi, nazo lapho zikhona, ncamashi.”

¹⁵⁶ Wathi, “Awu, sesingavele sibuyele ezansi, siqale ekuseni cishe ngehora lesithathu nqo.” Wathi, “Besifanele sibe phezulu

lapho ngelesishiyagalolunye, noma kusukela ngeleshumi. Izingama ezindala zizobe zilele phansi. Lokho kuzoba yisikhathi nje.”

Ngathi, “Ziyini lezo ezinye izinto ezihamba ngalapho na?”

¹⁵⁷ Wathi, “Leyo inyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni.” Ngathi... Ngakho, amamayela ayisithupha kude, niyazi, kunzima ukusho ukuthi zibukeka kanjani.

¹⁵⁸ Futhi-ke, kusukela ngaleso sikhathi kuqhubeke, amamayela angamakhulu ayisithupha, indlela igwababa elindiza ngayo, akukho ngisho indlela yezinyawo noma umzila. Futhi uma ushaya iWest Coast, uhamba cishe amamayela angamakhulu ayisishiyagalombili ukuya eVancouver, akukho ngisho inhlayiya yempucuzeko. Futhi impucuzeko elandelayo, uhamba ngalendlela, yi-Anchorage, cishe amamayela ayisikhombisa noma ayisishiyagalombili. Ubuyele emuva ngalendlela, ugijimela edolobheni elincane, i-Yellow Knife, lapho othola khona umkhumbi phakathi lapho kanye ngonyaka wama-Eskimo. Futhi, okulandelayo, ushaya iRashiya. Ngakho-ke, ukuwe uqobo. Yilapho uNkulunkulu angathatha ukuphumula kwaKhe khona, phezulu lapho, kuzo zonke izinkinga zethu nezivivinyo esiMfaka kukho. Ngakho ngiyathanda ukukhuphukela lapho futhi ngikhulume naYe lapho Ephumule, niyabo, ngakho-ke lapho njengoba bekunjalo izolo ebusuku e-emkhunjini.

¹⁵⁹ Ngakho ngenkathi sibuyela emuva ezansi, futhi ukusa okulandelayo saqala kuse-eli. Ngale cishe ngehora lesishiyagalombili nqo, sasinamanxeba esikhotheni nakho konke, saze safinyelela esiqongweni seqguma. Futhi endleleni enyukayo, lapha kwahamba inyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni endala yensikazi, nenkunzi enosayizi okahle. Yahamba, yaqala yenyuka igquma, nezimpondo ezinesiphekepheke kuyo. Futhi ngathi, “Awu, futhi ngakho nanso inyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni yokuqala engike ngayibona emahlathini, endle. Angikaze ngiphakame kakhulu kangaka ngaphambili.”

Wathi, “Ya. Leyo inyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni.”

¹⁶⁰ Ngakho saqhubeka sanyuka igquma futhi sabheka. Izimvu zazingekho lapho. Ngakho mina noBud sahambahamba. Futhi u-Eddie waqala ukushelela, futhi uBlaine, umfana wakhe, ebuka ecinga nxazonke izinyamazane.

¹⁶¹ Futhi sahamba ngapha, futhi, o, he, ngavele ngamemeza nje, “Udumo kuNkulunkulu!” Ngabheka phansi lapho, futhi kwakunalezozintaba ezinkulu eziqonge iqhwa; inyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni ephuzi ngaphansi kweqhwa. Futhi nje ngaphansi kwalokho iza esihlahleni esihlala siluhlaza, okwakuyisihlahla esiyisigqushu

esisashoba. Futhi ngaqhubeka kancane ezansi, kwakukhona inyamazane ibhulashi, ebomvu. Ukuqhubeka kancane lokho, kwakuyisihlahla esinamaqabunga avevezelayo, esiphuzi. Konke kubonakala echibini phansi ngaphansi kwayo. O, he!

¹⁶² Mina noBud sagaxana nje, futhi nje sadansa umdanso wokugxumagxumaa omncane ngalapho, nje siklabalasa nokumemeza, futhi sidumisa uNkulunkulu. Futhi sahlala phansi sigaxene, futhi nje sadumisa uNkulunkulu. Futhi saba nesikhathi esimangalisayo, ngiqagele, cishe amahora amabili.

¹⁶³ Futhi ngathi, “Awusho, ngiyamangala ukuthi kwenzekani ngo-Eddie na?” Sasimbiza “uDude.” Ngakho, sabuyela emuva. Saqala sanqamula igquma. Ngathi, “Ubengeke alahleke lapha.”

¹⁶⁴ Futhi wathi, “Qhabo. UBlaine ungemuva ngaleya ndawondawo, futhi ungumNdiya.”

¹⁶⁵ Ngakho saqalaza, futhi ngabona ikhamera yebhayisikobho ilele lapho. Ngathi, “Leyo bekungeka-Eddie.” Ngabheka emuva ezansi egqumeni. Futhi ngawela ngalendlela, futhi wahamba ngenye indlela.

¹⁶⁶ Futhi u-Eddie wahamba ethi, “Sh-sh-sh-sh.” Wayecathama kancane kangako, inyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni eyinkunzi. Futhi wayezoyibuyisela emuva ezansi, ondle abangane baseNdiya labo ayeyisithunywa senkolo kubo. Ngakho, wadubula inyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni. Saphuma futhi sayihlanza.

¹⁶⁷ Siyabuya, kungale cishe ihora lokuqala nqo. Sathola amahhashi ethu agitshelwayo futhi, cishe ingxenye yemayela, ukusuka lapho ababemi khona. Futhi sasimi lapho. Wathi, “Mfowethu Branham, uyathanda ukuhamba ngezinyawo na?”

Ngathi, “Impela ngiyathanda.”

¹⁶⁸ Wathi, “Uma sikala lentaba...Lezozinqama zanqamula ngalendlela, futhi zehlala zangena kulowo omunye umgodi lapho, mhlawumbe. Uma zingangenanga, zabuya ngalena enye indlela.” Wathi, “Ake siyeke u-Eddie nabo babuyele emuva, futhi bahambe badlule kulomklayeko ezansi *lapha*, futhi bathathe ihhashi lami eligitshelwayo nehhashi lakho eligitshelwayo, futhi upakishe inyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni baye ekamu. Futhi sizohamba senyuke ngezinyawo sidlule lapha futhi sishaye leyondawo. Futhi sifanele singene cishe ngeleshumi noma ngele shumi nanye nqo kulobubusuku.”

Ngathi, “Kulungile. Sizokwenza.”

¹⁶⁹ Ngakho, sasimi lapho. Sidla nje ikani losayidinsi, ucezu, ngamunye wethu. Futhi safihla ngaphansi kotshani obuyivukuzi, labosayidinsi. Futhi isinkwa sethu, sasisifake ehembeni lethu, futhi sajuluka kwaze kwaba sasesisonke esigaxeni esikhulu esisodwa. Kodwa kwakumnandi, uma ulambile. Futhi kulungile. Ngakho, sama lapho.

170 Futhi ngangiqalaza nje. Futhi ngabuka ngezingilazi zokubuka. Ngathi, “Bud, bheka lapha. Yini leyo ngaphesheya lapho na?”

171 Cishe ukuqhela ngamamayela amathathu, nakho kulele leyo nyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni. Futhi yayingengavamile. Kwakungesizo izimpondo ezinesiphekepheke; kwakuyizimpondo ezingamagatsha ezinkulu. Ngathi, “Uyakhumbula na? Bheka lapha. Nakho lokho kwendlaleka, ncamashi nje. Futhi nakho kulele lesi silwane, ngendlela nje.” Ngathi, “Kukhona into eyodwa kuphela evimbela umbono, umuntu othile oneliluhlaza, ihembe eliyisikoshi.” Futhi nakho kumi u-Eddie eneliluhlaza, egqoke ihembe eliyisikoshi. Ngathi, “Bengicabanga ukuthi awunalo.”

172 Wathi, “Umkami ngahle ukuba ufake lelo esikhwameni. Ngenkathi ngiwela emanzini, izolo, kudingeke ngishintshe amahembe.” Wathi, “Bengingazi ukuthi ulifake phakathi lapho, Mfowethu Branham. Ngiyaxolisa ukuthi ngikutshela okuyiphutha.”

Ngathi, “Ubudingeka wenze lokho nje, ndodana.”

173 O, uBud waqala ukumemeza. Wathi, “Awukwazi ukuma khona lapha futhi uyidubule, amamayela amathathu ukuqhela. Ungekwenze, Mfowethu Branham na?”

Ngathi, “Ngokombono, ngangikuyo ngqo.”

174 Wathi, “Mfowethu Branham, ngiyakutshela, uzofinyelela kanjani laphaya na?”

Ngathi, “Angazi, kodwa ngizofinyelela laphaya.”

Ngakho wathi, “Uzokwenza kanjani na?”

Ngathi, “Ngizungeze lokhu kwendlaleka.”

175 Wathi, “Lelo yitshe elikhumuzelayo.” Futhi ngi... Wathi, “Uma ushibilika, uzoba cishe namathani ayinkulungwane eqhwa phezu kwakho, cishe emzuzwaneni nje.”

176 Ngathi, “INkosi izokunakekela lokho. Yileyo ndlela engahamba ngayo, embonweni, ngqo ngalapha.”

Wathi, “Awu, ngizokulandela.” Nangu eza.

177 Futhi laba bafana bathi, “Sizohlala lapha manje size sikubone uthola inyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni,” futhi bathi, “khona-ke sizo—sizoqhubeka sehle, sithathe amahhashi futhi siqhubeke singene. Sizohlangana nawe ezansi ekupheleni komhoshha, cishe, o, cishe amamayela amane noma amahlanu ezansi.”

Wathi, “Kulungile.”

178 Ngakho saqala ukuzungeza, uBud nami. Cishe esigamini sehora, sasebenza ngokuzungeza ngqo. Futhi leyo nyamazane idiye elinesiphekepheke ezimpondweni ihlezi khona lapho, ibheke ngqo kithi, futhi ayikaze isibone. Kungahle ukuba

yayilele. Futhi senyuka kancane ngale komklayeko omncane, sase sibuya, futhi sanyuka phakathi kwamayadi angamashumi amathathu kuyo. Nanso ilele. Lesi esikhulukazi, isilwane esikhulu, yavuka lapho, futhi ngayithola.

¹⁷⁹ Futhi ngenkathi sasihlezi lapho, sithatha indawo engenela emanzini, nokunye okunye, ukusuka kuyo, kanjalo, uBud wathi, “Ngabe uthe lezi zimpondo bezingamayintshi angamashumi amane nambili na?”

Ngathi, “Kunjalo impela.”

¹⁸⁰ Wathi, “Mfowethu Branham, zifanele zibe ikhulu namashumi amane nambili,” ikhanda elikhulu kakhulu.

Ngathi, “Qhabo. Ngamashumi amane nambili nje ncamashi.”

Wathi, “Ngineteyipu yokukala ezansi lapho.”

Ngathi, “Uyakungabaza na?”

Wathi, “Qhabo, mnumzane.”

¹⁸¹ Wathi, “Kodwa, awume kancane, awuzange ungitshela ukuthi ubuzothola ibhere elikhulu elimpungana ngaphambi kokuba ubuyele ezansi na? Kuzoba nebhere elinomhlwenga oyisiliva, ngaphambi kokuba ufike emuva lapho lowo mfana wayekhona, egqoke ihembe elikuhlaza na?”

Ngathi, “Lelo yiqiniso.”

¹⁸² Wabheka emuva ezansi egqumeni. Awu, akukho’nto ephakeme *kangako*, akukho lutho nhlobo. Utshanyana obuyivukuzi nje, konke okubonayo, amamayela namamayela, amagquma ehlela kakhulu nje otshanyana obuyivukuzi. Wathi, “Likuphi, Mfowethu Branham na?”

¹⁸³ Ngathi, “Angalihlinzeka elilodwa. Usho njalo.” Ngathi, “Uyakungabaza lokho, Bud na?”

Wathi, “Qhabo, mnumzane.”

¹⁸⁴ Awu, sehla igquma, siza *kanje*. Uzothwala isibhamu esikhulu okwesikhashana, futhi ngizothwala ikhanda, bese kuba ngapha nangapha. Ufanele nje uhambe emaceleni, wehla, lezo zimpondo ezinkulu nje zihhala kobunye utshanyana obuyivukuzi. Futhi safika ngaphakathi cishe kwemayela kwakho. Sama futhi saqalaza. Wathi, “Lelobhere elidala kungcono liziveze, alizange na?”

Ngathi, “Yini wena—yini wena ekukhathazayo na?”

Wathi, “Lutho.”

¹⁸⁵ Saqhubeka saze sashaya izinguzunga zeqhwa ezikhithika entabeni ezincane ziza ngaphesheya. Sahlala phansi lapho futhi sathi ukuphola kancane. Wathi, “Mfowethu Branham, cabanga ngakho nje,” wathi, “asikafiki ngale cishe, o, ngaphasi kwesigamu semayela size sishaye labo bafana, futhi

ndawondawo phakathi kwalapha nalapho uzobulala ibhere elinomhlwenga oyisiliva.”

¹⁸⁶ Ngathi, “Kunjalo. Kunjalo.” Wathi... Ngathi, “Uyakungabaza lokho, Bud.”

¹⁸⁷ Wasukuma futhi wangibamba ngesandla. Wathi, “Mfowethu Branham, umfowethu akakaze abe nokudlikiza kusukela ngalolosuku kuze kube kulolu.” Wathi, “UNkulunkulu obengakutshela ngomfowethu, ubengeke aqambe amanga kuwe.”

Ngathi, “Bud, lizoba lapho.”

Wathi, “Lizovelaphi na?”

¹⁸⁸ Ngathi, “Angazi.” Ngathi, “Bud, nginamashumi amahlanu nambili,” ngaleyo nkathi. Ngase ngithi, “Ngiyibonile imibono, kusukela ngisengumntwana. Futhi lapho ngibona lenyamazane idiye elinesipekepheke ezimpondweni lapha, ibulewe, futhi uyabona uma izimpondo zayo zingesiwona amayintshi angamashumi amane nambili. Futhi-ke, umbono ofanayo, mina ngisendleleni yami ebuyela ezansi ukuya lapho leyo nkampani yayikhona, enganganabo, ngabulala leli bhre elinomhlwenga oyisiliva, elimpungana.”

Wathi, “Mfowethu Branham, ngingabona amamayela angamashumi amabili.”

¹⁸⁹ Wathi, “UNkulunkulu uzodinga alidonse alikhiphe emhlabathini, noma alilethe phansi livela ezibhakabhakeni, noma okuthize.”

Ngathi, “Ungakhathazeki. Lizoba lapho.”

¹⁹⁰ Sahamba cishe amanye amayadi ayikhulu. Wayesethi nje ukuphelelwa amandla naye. Lokhu kusinda cishe amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu, lendodo. Ngakho, wehla uza egqumeni, futhi uyibeka phansi. Wathi, “Whewu! Sengithi ukuphonsa ithawula.”

¹⁹¹ Ngathi, “Yebo.” Singena kwesincane esibhashile, isihlahla somnqweleba esibhashile khona-ke, esicishe siphakame *kangako*. Kwakukhona izinyoni ama-grouse ezisathendele ezimbalwa zindiza ngakhona, futhi kwakukhona izinyoni amaptarmigan ayizinsikazi, ngakho-ke ngijikijela amatshe athile kuzo kanjalo.

Ngakho wathi, “Wake wadla noma yiphi yalezi izinyoni iptarmigan na?”

Ngathi, “Qhabo. Angikholwa kanjalo.”

¹⁹² Wathi, “Akahle. Amnandi njenge-grouse inyoni esathendele.” Wathi, “Mfowethu Branham?” Wethula isigqoko sakhe esimnyama esidala, wazishayisa umoya. Wathi, “Sekuthi akube isikhathi ukuba lelobhere elidala lithushuke, akunjalo, mfana na?”

Futhi ngathi—ngathi, “Bud, uyakungabaza lokho.”

193 Wathi, “Qhabo. Angingabazi. Kodwa, Mfowethu Branham, a—a—angiqondi nje.”

194 Ngathi, “Nami angiqondi. Akusikho okwami ukuba ngiqonde. Kungokwamu ukuba ngikholwe.” Amen. UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi lezizinto ziyiqiniso. Bengingama lapha futhi ngisho lokhu, kwakungelona iqiniso na?

195 Khona-ke ngaqala ukuphenduka, ukuba ngimnike isibhamu esikhulu, futhi mina ngiqukule ikhanda. Futhi lapho sengiphendukile, ngathi, “Bud, unazo lezo zingilazi zokubuka zizungeze intamo yakho. Kuyini lokho okumi phezulu lapho eceleni kwegquma na?”

196 Futhi waphonsa izingilazi zokubuka phezulu. Wathi, “O, ngisize,” wathi, “uma kungesiyo inkomo encelisayo yomuny’umuntu!” Akukho okunjalo ezweni. Wathi, “Lelo yibhere elimpungana elikhulu kanawo wonke engake ngalibona empilweni yami. Futhi ngakho-ke ngisize, bheka lelolanga eliphuzi elikhanya phezu kwalo. Liyibhere elinomhlwenga oyisiliva.” Wathi, “Uthi likude kangakanani na?”

197 Ngathi, “Lithi alibe ngamamayela amabili phezulu lapho.” Futhi sase sithi asiphelelwe amandla. Wathi... Ngathi, “Yini esiyilindele na? Asambe.”

Futhi wathi, “Uqinisekile ukuba ulithole na?”

Ngathi, “Impela ngizolithola.”

Wathi, “Yisiphi leso sibhamu osisebenzisayo lapho na?”

198 Futhi ngathi, “Manje, ungakhathazeki ngalokho.” Kwakuyisibhamu esincanyanyana omunye umfowethu anginika sona emhlanganweni ngesinye isikhathi, eminyakeni eminingana edlule. Ngathi, “Encane, eshibhile i-.270.” Futhi ngathi, “Kulungile. Ngathola... Ngi... Kuzokwenzeka.”

199 Saqhubeka ngokusondela kancane. Futhi lapho sisondele kakhudlwana, lelobhere lalizibuka lona uqobo kakhudlwana. O, lalibukeka njengesitaki sotshani obomile esikhulukazi simiswe lapho kulobo tshani obuyivukuzi, niyazi. Okumile, okukhulu kakhulu, okukhulu, into enkulukazi, ikhanda lithi alibe banzi *kangako*, niyazi, nemihlathi iphumele ngaphandle, izidladla ezinkulu kakhulu kakhulu. Futhi wayeqhubusha lamagatsha amancane e-blueberry, *kanjalo*, niyazi, ewadla. Futhi ozimukile, umfo omkhulu kakhulu! Sathola cishe, o, cishe amayadi angamakhulu ayisishiyagalombili kuye.

200 Wathi, “Yeyi, Mfowethu Branham, uke—uke wadubula ibhere elimpungana ngaphambilini na?”

201 Ngathi, “Ngidubule amabhere amaningi, Bud, kodwa angikaze ngidubule ibhere elinomhlwenga oyisiliva elimpungana ngaphambilini.”

202 Wathi, “Uyazi, ibhere elinomhlwenga oyisiliva liyisilwi esikhulu kunawo onke sawo onke.”

Ngathi, “Ya, ngikuqondile lokho.”

Wathi, “Alikwazi ukuthi kufiwa kanjani.”

Futhi ngathi, “Awu?”

203 Wathi, “Musa . . . Uqhele kangakanani—kangakanani—kangakanani na? Usondele kangakanani ukuba ufinyelele kulo ngalokho na?”

204 Manje, mbuze nje. Mbhalele incwadi iletha. Ngizoninika ikheli. Wathi, “Vumela noma ubani angibhalele ngakho, ofuna ukukwenza, nganoma yikuphi kwalezo zinto. Ake ngibatshela.” Futhi ngakho . . .

Futhi ngathi, “Awu?” Ngathi . . .

Wathi, “Manje na?”

205 Ngathi, “Qhabo, qhabo. Ngangisondelene kunalokhu, Bud. Ngangiphezulu ngqo, ngisondele kulo.”

206 Wathi, “Sesisondele kakhulu impela manje. Angahlasela nganoma yisiphi isikhathi.”

207 Ngathi, “Ngiyakwazi. Kodwa,” ngathi, “Bud,” ngathi, “kuzolunga.”

208 Wathi, “Manje, uma udubula ibhere,” wathi, “manje, Mfowethu Branham, lidubule emhlane. Umele ulihlakaze, ngoba lizoqhubeka lilwa, futhi ngeke likwazi ukuvuka khona-ke.”

Ngathi, “Qhabo, ngokombono, ngalidubula enhliziyweni.”

Wathi, “Ngithemba ukuthi awenzanga phutha kulokho.”

209 Ngathi—ngathi, “Angizange.” Ngathi, “Ngiyakukhumbula lokho.” Isizathu, e—embonweni, use—usemzweni owodwa, futhi kokubili, njengoba sikuchazile ngobunye ubusuku. Ukokubili. Ungeke wakwazi ukukukhohlwa. Niyabo? Ngakho nakho lapho ukhona.

210 Ngakho saphinda sangena futhi, cishe—cishe amayadi angamakhulu amabili namashumi amahlanu. Leso kwakuyisihosha esijulile sokugcina esincane esasidlula. Ngathi, “Lokho sekuthi akube yikho nje manje. Libheke. Alilihle na?”

Wathi, “Ya, ngicabanga ukuthi linjalo.”

211 Ngathi, “Kulungile, Bud. Manje lapho ngiphakama lapha, liyeza.” Ngathi, “Wena bukela nje.”

Futhi wathi, “Ngizobe ngibukela.”

212 Ngakho ngafaka igobolondo embhobhweni wesibhamu, niyazi. Futhi sasiphansi ngaphansi kwalesisihosha esijulile esincane. Lapho ngisaphakama nje, nanti liza. He, he! Ngama, ngadubula, futhi nje kwazwakala sengathi ithoyizi lesibhamu

eliqhumayo ilishaya. Mfana, akukaze nakanci futhi kulivuse, ngisho nakanci. Futhi, he, ngaphambi . . .

²¹³ Ukhuluma ngesivini! Angikaze ngibone noma yini enjalo. Lona, belingashiya ihhashi, inyamazane idiye, noma nanoma yini, niyazi, ibhere lingakwazi, kanjalo. Lona liza lehla kulelo gquma, ngqo liza ngakithi, kanjalo!

²¹⁴ Futhi manje, ngaphambi kokuba ngikwazi ukuthola elinye igobolondo esibhanyini, lawa selifile, cishe, o, cishe amashumi amathathu, amayadi angamashumi amane ukusuka kimi, liphenduke ngapha kuya ngale; yathatha inhliziyo, amaphaphu, nakho konke, kwasuka kuye. Kwakuyihlamvu iNosler, nina baphathi bezibhamu ezifakwa izinhlamvu ngesandla niyazi. Ngakho ya—yalihlakaza, futhi lawela ngaleya.

²¹⁵ UBud, emi lapho, wabheka ngaleya, wayemhlophe okwangempela ngasemlonyeni. Wathi, “Mfowethu Branham, angizange ngilufene phezu kwethanga lami.”

Ngathi, “Nami angizange.”

²¹⁶ Wathi, “Whewu.” Wathi, “Ngifuna ukukutshela, ngemva kokuba sekuphelile, mfana. Uma lokho bekungazange kube omunye waleyo mibono, futhi bengiyibone yenzeka ngaphambilini, bengingeke ngikhuphukele lapha, eduze kangako kulelobhere, nawe.”

²¹⁷ Futhi akukho noyedwa wethu owayengafuhlekela kulo. Wayesinda amaphawondi ayizinkulungwane, ngiyacabanga, ngakho, omkhulukazi, umfo omkhulu. Asikwazanga ukulihlanza, sathola . . . mhliza. Saqala saqhubeka sehla. Futhi sathi . . . “Mfowethu Branham?” Sacosha izimpondo. Wathi, “Uma lezo zimpondo zingamayintshi angamashumi amane nambili,” wathi, “ngizoba nje nokudlikizela.”

²¹⁸ Ngathi, “Kungcono ubenakho khona manje, khona-ke, ngoba kuyilokho okuyikho.”

²¹⁹ Wathi, “Angikaze ngibone i—i—i . . . Kubonakala kimi sengathi ngiyakuphupha lokhu.”

²²⁰ Futhi lapho sifika ezansi lapho, futhi ngathi ku—ku—Eddie, ngathi, “Manje bhekisisa. UBlaine uzobeka izandla zakhe.”

²²¹ Manje, niyakhumbula, kwakukhona isandla esincane ngakulolo phondo. Uyakhumbula, Mfowethu Fred, ukuthi ngakutshela kanjani ukuthi kuyoba kanjani na?

Futhi ngathi, “Kubhekisise,” ku—Eddie.

Futhi uBud wathi, “Yima.” Waletha ihhashi lakhe ngapho.

²²² Futhi sasinebhere kithi, niyazi, nalawo mahhashi edabula nje konke. Niyazi ukuthi enza kanjani uma ehogela ibhere elimpungana noma yiluphi uhlobo lwebhere. Ngakho-ke nga—ngaya ngaleya, ngibambile, ngizama ukubamba ihhashi, ihhashi eligitshelwayo lizama ukubaleka.

223 Futhi waya ngaleya futhi wathatha iteyipu yakhe yokukala, wase eza ehamba ngaleya lapho, engibuka, *kanjalo*. Ngathi, “Woza lapha, Blaine.” Ngashaya ngenqindi u-Eddie. Ngakubeka phansi kulokhu. Amen. Futhi ngakho ngisize, amayintshi angamashumi amane nambili, ekhaleni!

224 Manje, lezo zimpondo zishwabene cishe amayintshi amabili lapho zoma. Lelo bhene elimpungana lilele egumbini lami eliwumhume, futhi izimpondo zilenga odongeni. Umhlinzi wezilwane azimise kube ngathi ziyaphila uzilungisile, futhi wazilungisa. Kuneteyipu yokukala elenga phezu kwazo, amayintshi angamashumi amane nambili, ncamashi.

225 Manje, uNkulunkulu abengamtshela kanjani umuntu into enjalo, mayelana nohambo lokuzingela na?

226 Lapho ngibuya, umama wayegula. Ngaya ukuyombona. Wathi, “Billy?” Niyabo, Wayengikhuthaza, engilungiselela okuthize.

Ngathi, “Mama, iNkosi ibikuphulukisa njalo.”

Wathi, “Billy, ngiy’eKhaya ukuyobona ubaba.”

“O,” ngathi, “mama, ungakhulumi kanjalo.”

Wathi, “Yebo, ngiyahamba.” Ngamkhulekela.

Futhi uMfowethu Fred nabo bonke labofakazi behlezi lapha bayazi.

227 Khona-ke, into elandelayo niyazi, bamyisa esibhedlela. Udokotela akazanga ngisho ukuthi yini eyayingalungile. Awu, ngaphuma ukuyomkhulekela. Wathi, “Ndodana, ngiyahamba.” Futhi manje, umama wami wayethi ukuba ngowesifazane onamandla, empeleni.

228 Ngolunye usuku, izinsuku ezithi azibe mbili emva kwalokho, ngahamba ngangena. Wayemi lapho, ebheke phezulu ngqo ngasemaZulwini. Wathi, “Billy, ngiyakubona.”

Ngathi, “Ngani, impela, mama.” Wathi, “Ngikubona khona lapha.”

229 Wathi, “O, usukhule kakhulu, Bill,” wathi, “izinwele zakho ezimhlophe nentshebe nje kulenga ndawonye. Futhi ugaxe isiphambano, ufinyelela kimi.” Nganginombono omuhle-ke, kwakuyilokho-ke.

Manje, nina bazalwane lapha niyazi ukuthi kuyiqiniso.

230 Ngakusasa kwakuyiSonto. Ngangishumayela. Bangithumelela izwi, “Owakho...” Ngathi, “Angikholwa ukuthi umama uyahamba. UNkulunkulu njalo uyangibonisa, abantu bakithi behamba. Kodwa, umama, Akakaze angibonise lutho ngakho.” Nakhu kungena umlayezo. Futhi ngangimaphakathi ngqo noMlayezo wami, kanje. Omuny’umuntu uyangena, wathi, “Hamba, yiya kumama wakho njengamanje. Mshayele ucingo. Uyafa, ngalomzuzu.”

²³¹ Ngathi, “Ukufa, mbambeni anganyakazi. IZwi likaNkulunkulu libaluleke kakhulu kunalokho.”

²³² Le ndoda ihlezi khona lapha, uMfowethu Borders. Ngemva kokuba inkonzo isiphelile, ngaphuma ukuyobona umama wami. Ngahlangana noMfowethu Borders. Wathi, “Mfowethu Branham, awusiwo impela amafidi ayisithupha, kodwa ngibone indoda engamafidi ayishumi imi eupulpiti kulokhu ukusa.”

Ngathi, “Mfowethu Borders, uNkulunkulu uzonakekela konke lokho ngomama.”

²³³ Futhi izinsuku ezimbalwa emva kwalokho, bangibizela egumbini, futhi yena empeleni wayehamba. Wabutha wangenisa abantwana, bemi bezungeze umbhede. Ngathi, “Mama, uhamba ngempela na?”

Wathi, “Yebo.” Khona-ke akabange esakwazi ukukhuluma.

²³⁴ Ngangilokhu ngimtshela, “UJesu usho ukuthini kuwe, mama na?” Ngiyakhumbula ngimbhaphathiza eGameni laKhe, esikhathini eside esedlule, phandle emanzini. Ngathi, “Ngitshele Usho ukuthini kuWe manje.”

Wathi, “Ngaphezu kokuphila kimi.”

²³⁵ Ngathi, “Mama, uma uhamba, ngingumfana wakho, i... umshumayeli. Ngifuna ukwazi, kuvela kumama wami uqobo ozohlangana noNkulunkulu. Ngifuna ukubamba isandla sakho lapha, mama.”

Wathi, “Ngifuna ukwenze.” Ngaqhubeka nokusibamba.

²³⁶ Wayengakwazi ukukhuluma. Kubonakala sengathi wayekhubazeka, ubuso bakhe. Ngathi, “Awusakwazi ukukhuluma, mama na?” Akakwazanga ukwenza... Ngathi, “Lalela. Ngabe uJesu usalokhu enguye kuwe na?” Wayengalinqekuzisa ikhanda lakhe.

²³⁷ Khona-ke wafika endaweni ayengasakwazi ukuba anqekuzise ikhanda lakhe. Ngathi, “Mama, ngabe uJesu uyikho konke kuwe manje na? Uzela wena, emzuzwini. Konke, kuwe na?” Wayengakwazi ukunyakaza.

²³⁸ Ngathi, “Mama, unento eyodwa kuphela, ukubona ukuthi ucwayizisa amehlo akho. Uma uJesu esasho okufanayo kuwe njengoba Wayekwenza njalo, usuku engakubhaphathiza ngalo emanzini, cwayizisa amehlo akho ngokushesha ngempela.” Wacwayizisa amehlo akhe, futhi izinyembezi zigeleza phansi, *kanjalo*.

²³⁹ Futhi uMoya omncane uyeza, ushanyela ungena egumbini. Umama waya eKhaya.

²⁴⁰ Ngifika ekhaya, ngaphuma ekhaya labangcwabi, ngakhipha izingubo zokugqoka. O, niyazi ukuthi kunjani. Udingeka wenze into efanayo. Abantwanyana bonke bekhala, oyedwa phansi kwenye indawo; omunye, kwenye. Ngathi, “Umama

wayeyinsika yokuhhuka. Ngeke sisaba ngabafanayo futhi.” UDoc nomndeni wakhe *kuleli* khona. UJesse nomndeni wakhe *kulelo* khona. Sisanda kufihla uHoward, maduzane. Ngathi, “Awu, sesihambile, bafana.” Ngathi, “Sizo... Singeke siseza ukuzobonana. Umama wayeyinsika yethu.” Ngathi, “Ngeke sibonane, kungabi nakakhulu manje.”

²⁴¹ Ngenyukela ekhaya, ngesikhathi sasebusuku, ngemva kokuba sesithathe izingubo zakhe zokugqoka. Ngenyukela ekhaya.

²⁴² UNkk Domico, noma ubani uyamazi, waseChicago na? Ube umngani othandeka kakhulu womkhankaso. Wayengiphe iBhayibheli. (Uxolo.) Futhi lalingelinye lalawo maBhayibheli anezinhlamvu ezibomvu elinoziphu kulo. Futhi othile, ngenkathi ngishumayela leyo ntshumayelo, *IWundlu NeJuba*, babengithumelele amajuba amabili, njengomnikazi. Omunye umfowethu, uMfowethu Norman, wayengithumelele ijuba elincane. Newundlu, futhi uMfowethu Borders ungipha iwundlu. Ngacosha iBhayibheli. UMeda wayengale kwelinye ikhona, ekhala.

²⁴³ Futhi nonke nina Business Men lapha niyazi, ngenkathi ngiseJamaica, ngibone umkhwekazi wami, nganitshela etafuleni phandle lapho eJamaica. Ngathi, “Omunye wabantu bakithi uyafa, lowo ongenalo nezinyo elilodwa. Ngibabona behamba.” Ngqo etafuleni, uDemos Shakarian nabo bonke behlezi lapho. Amahora ambalwa kusukela ngaleso sikhathi, umkhwekazi wami wacishe waqimuka wafa, ngaso leso sikhathi, niyabo, engenazinyo, ncamashi nje.

²⁴⁴ Ngathi, “Ngibone insizwa ethimisa igazi.” Ngashaya ucingo, ngathi, “Ungavumeli uBilly...”

²⁴⁵ Ngabe ukhona noma ubani lapha owayesemhlanganweni wase—waseJamaica ngaleya ngaleso sikhathi e—eJamaica na? Angiboni. Ya. Nampo ababili. Ngakho-ke...

²⁴⁶ Futhi ngathi, “Kumele... Billy, ungenyukeli lapho. Ngibone umfo osemncane ephimisa igazi.” Futhi kwakungusbari wami. Wahamba, wayenokopha ngenkathi lapho umama wakhe efa. Kwavele kwamphosa ekuthukeni okukhulu.

²⁴⁷ Khona-ke ngimi lapha ngalolo suku, ngacosha leliBhayibheli. Ngathi, “Baba, angazi. Mhlawumbe nje uthando lwaKho, Awungibonisanga yena ehamba. Kodwa ngidumele kakhulu, Nkulunkulu. Unganginika nje izwi elithile lokududuza elivela eZwini laKho na?” Ngathi, “Ake ngifunde nje okuthile okududuzayo, okududuzayo kimi.” Ngavele ngayekela nje iBhayibheli livuleke *kanjalo*. Nakho lapho kwakukhona, izinhlamvu ezinkulu ezibomvu, “Akafile, kodwa ulele.” Futhi ngangena ekamelweni. Saya kolala.

²⁴⁸ Cishe ngegesishiyagalombili, ngakusasa ekuseni, ngavuka. Babezomlungisa, ngaleya cishe emini, ngakho-ke siyehla bese

simbona. UMeda waphuma ukuba athole ukudla kwasekuseni kwabantwana, noJoe omncane ekhala. UBecky ekwelinye ikhona, esalokhu ekhala, “Ngiyoke ngiphinde ngimbone ugofo futhi na?”

²⁴⁹ Ngathi, “Yebo. Yebo. Uyombona. Ungaphesheya nje, uye esitezi esiphezulu.” Ngathi, “Yena, sizophinde simbone.” Futhi wayebathanda labo bantwanyana abancane, niyazi.

²⁵⁰ Futhi, ngakho, futhi bonke babekhala, “Singambona ugofo kule ntambama na?”

²⁵¹ Ngathi, “Ningabona umzimba akade ephila kuwo, kodwa ugofo usekhuphuke ukuba abe nomunye ugofo wenu, bona phezulu eZulwini.”

²⁵² Futhi uJoe akakwazanga ukukuqonda, umfana wami omncane, niyazi. Akakwazanga nje ukukuqonda. Wathi, “Khona-ke ugofo uzobuya ehle namhlanje ebusuku na?”

²⁵³ Futhi ngathi, “Qhobo, qhobo. Angazi ukuthi uzobuya nini. Lapho uJesu eza, uzobuya.”

²⁵⁴ Ngangimi lapho. Futhi ngaphenduka, ngihamba egumbini. Futhi lapho sengenzile... Ningangiceli ukuba ngikuchaze. Akukho ndlela yokukuchaza. Ngazibona ngimi ngaphandle lapho, ngokufanayo nje njengoba ngibuka ngaphesheya kwalezizethameli. Futhi ngangihola amaculo. Angikaze ngikwenze lokho. Angikwazi ngisho nokucula, sanhlobo. Ngakho, futhi kwakukhona esikhulu kakhulu, isixuku esikhulukazi sabantu.

²⁵⁵ *Kulolu* hlangothi, i-ihholo elikhulu lalibukeka ngathi lalingaphandle, njengokungathi, o, angazi ukuthi beningakubiza ngani, uhlobo lokwehla igquma, nohlobo olufana nenkundla yemidlalo. Futhi kwakusemuva kude kakhulu, imigqa yayinjalo, kwaze kwaba yayidingeka iphakanyiswe *kanje*, ngakho eminye ikude kakhulu emuva yadingeka ibuke *ngale* ndlela. Kodwa konke maphakathi... Nje uhlu oluthathu, *kanje*. Futhi konke ngqo kwimaphakathi kwakuthi akube njengama-windrow ethungelwe ngaphakathi, abancane okunzima kubo ukulawula izicubu, abantwana abakhubazekile belele kulezo zinhlu.

²⁵⁶ Ngangigqoke isudu emnyama, futhi ngangicula, “Bangeniseni, bangeniseni, ngenisani abancinyane kuJesu.” Sicula lelo ebandleni, kancane impela, ikakhulukazi ekunikelweni kwabantwana. Futhi kwakukhona okufana ne-ibhokisi lapha, lapho kwakuhleli khona osaziwayo, futhi ipulpiti laliseduze nalokho. Kodwa ngangiphansi, ngihola amaculo. Futhi khona manjalo, mina ngimi lapho, ngizibuka mina uqobo, khona-ke... O, ungazami ukukucabanga, ngoba ngeke ukwazi. Khona-ke ngenkathi ngangilapha, khona-ke kuba *lapha*. Angazi. Ababili babo bahamba ndawonye. Futhi ku... .

Leyo yinto enhle lapho ababili bakho behamba ndawonye.

²⁵⁷ Ngathola ikhamera phezulu lapho. Ngehla, ngangingazi ukuthi isithombe sithathwa kanjani. Ngabhekisa into, futhi, ndoda, ngangikwazi ukubona ezinhlanu noma izinto eziyisithupha ezahlukenene. Ngakho ngiqala ukukuqondisa. UBilly wangitshela, wathi, “Kuqondise, futhi konke kuba esisodwa.”

²⁵⁸ Kungumqondo omuhle ukwenza lokho, niyazi. Ubona izinto ezihlukile uma ukuqondisa. Futhi sebenzisa iZwi likaNkulunkulu ukuba uqonde kuYe, futhi uzo—uzobona lokho engikhuluma ngakho. Kodwa Kuqondise, kuqala, niyabo.

²⁵⁹ Ngakho ngimi lapho, ngibuka, futhi ngangena kulowo mbono. Futhi ngenkathi ngiselapho, ngaqaphela umuntu owaziwayo ebuyela ngemuva kwendawo. Futhi babe. . . Ngathi, “Awu, beza ebhokisini losaziwayo.” Ngakho bafika behamba benyuka *ngale* ndlela. Futhi ngacabanga, “Awu, ngizocula kanye futhi ngenkathi lelo nenekazi liza.” Laligqoke ngendlela eyimfashini endala.

²⁶⁰ Manje, abanye benu manenekazi nizokukhumbula lokhu, ngenkathi babegqoka lolohlobo lweziketi, njenga, *ngalapha*, futhi sehlela ezansi le phezu kwezicathulo ezinezintambo. Futhi zazinohlobo olugwele. . . Nizibiza ngokuthini lezo zinto, njenga—njengalokhu leli nenekazi elikugqoke khona lapha manje na? Lelobhulawuzi. Ibhulawuzi, ezinye zalezozinto ezinjalo, futhi kwakunemikhono egwele ngempela kulo. Niyawakhumbula na? Futhi kwakhuphukela ngasentanyeni lapha, nohlobo oluncane lwenkinobho encane lwento engene lapha. Khona-ke, egqoke isigqoko esikhulu kakhulu kakhulu, siphendukele ohlangothini. Futhi amanenekazi, ngalezo zinsuku, ayenezinwele ezinde. Ngakho bazidonsa bazehlisela phansi njengalokhu, futhi babeke isigqoko phezu kwazo, futhi bafake uphina kuzo, niyazi, ukuze bazigcine ziqondile, ngoba kwakudingeka bagibele ihhashi ngokuhlala ubheke eceleni nezinto.

²⁶¹ Ngakho-ke leli nenekazi lalenyuka, futhi wonke umuntu wayelihlonipha leli nenekazi. Futhi ngacabanga, “Awu, lizoya ebhokisini losaziwayo.”

²⁶² Ngakho, ngakho-ke, ngathi, “Kanje futhi, wonke kulolu hlangothi, ‘Bangeniseni.’ Manje *ngalapha*, ‘Bangeniseni.’ Khona-ke bonke kwimaphakathi, bonke kanye kanye manje, ‘Ngenisani abancinyane kuJesu.’”

²⁶³ Ngisasho lokho nje, leli nenekazi lase livele lingenile ebhokisini. Ngangikwazi ukubona, ngenkathi selingenile ebhokisini, wonke umuntu wasukuma. Futhi babethi ukwenza *kanje*, bemazisa, futhi wayebazisa.

²⁶⁴ Ngacabanga, “Awu, sekuyisikhathi sami ukuba ngishumaye. Ngizohamba ngikhulekele labo bantu

abagulayo.” Ngasukuma lapha e—epulpiti, *kanje*, futhi ibhokisi lalikhona kanye, o, eduzane njengoba lomfowethu ehlezi *lapha*. Futhi ngaphenduka nxazonke, *kanje*.

²⁶⁵ Ngacabanga, “Awu, manje, lelo nenekazi lizokhothama kimi, ngakho ngizolibona kahle nje.” Futhi ngakho-ke ngenkathi ngiphenduka, lase livele likhothamise ikhanda lalo, *kanje*. Ngangigebise ikhanda lami phansi, *kanje*. Futhi lapho ngiphakamisa ikhanda lami, ngaso leso sikhathi, ngihlangana nalo, kwakungumama, esemusha, emuhle.

Ngambuka. Ngathi, “Mama?”

Wathi, “Billy.”

²⁶⁶ Futhi khona lapho nje, umbani uqala ukubaneka nxazonke esakhiweni, imidumo yazwakala, nokuzamazama kwafika. Futhi iPhimbo lathi, “Ungesabi ngomama wakho.” Lathi, “Ungendlela efanayo ayeyiyo ngo 1906.”

Futhi ngathi, “Ini, 1906 na?”

Futhi uMeda wathi, “Yini indaba ngawe na?” Umkami.

Ngathi, “S’thandwa, 1906, wawuyini u 1906 na?”

Wathi, “Ngani?”

Ngathi, “Umbono, ngibone umama emi khona lapha.”

Wathi, “Ubone ini?”

Ngathi, “Ngibone umama.”

Wathi, “Ngempela ngempela, Bill na?”

²⁶⁷ Ngathi, “Yebo. Ubemi khona lapha, futhi ubemuhle. Futhi Wathi. . .” Ngathi, “Ubengowesifazane osemusha nje.”

²⁶⁸ Ngakho ngahamba futhi ngathola irekhodi elidala lomndeni omdala. Niyazi ukuthi wayeyini ngo 1906 na? Umlobokazi kababa. Yilowo nyaka ashada ngawo. Manje useyingxenyeye yomunye uMlobokazi, uMlobokazi weNkosi uJesu.

²⁶⁹ Omunye ovela kwenye indawo wangithumelela uzuka. Nginawo lapha ephaketheni lami, 1906.

²⁷⁰ “Futhi Yena, uMoya oNgcwele, ngenkathi Esefikile, Uzokwembula lezi zinto kinina engizishilo, futhi uzonikhombisa izinto ezizayo.”

²⁷¹ Manje, kuyini na? Uhambo lokuzingela lwalungakha kuphela nje, niyabo. Olunye lohambo olwedlula lonke engake ngaluthatha, ngazi ukuthi, lokhu kushaqeka okukhulu. Lokho kwakuluthando. Futhi, mfowethu, dadewethu, uma yonke leminyane imibono ibiqinisile ngokuphelele, ngalokho uMoya oNgcwele akubonisele, kufanele kube nguMoya oNgcwele. IBhayibheli lasho, ukuthi, “Uma kufezeka, ngakho-ke kwakunguYe.”

²⁷² Khona-ke, yeka ithemba esinalo! Ngolunye usuku sizoyishiya le ndawo. Sibuyela ensizweni nasentombini,

singasayikufa. Ngingaqoka ukwazi lokho kunokuba ngazi ukuthi ngangizoba ngumongameli womhlaba futhi ngiphile iminyaka eyizigidi. Ngingaqoka ukwazi ukuthi bengisesandleni sikaNkulunkulu.

²⁷³ Futhi ngiyajabula ukwazi, kulobubusuku, ukuthi lowoJesu ofanayo owenza leyonkulumo mbiko, Ulapha, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Niyabo, ngeke kwashabalala. KuyiPhakade. Futhi UnguJesu ofanayo kulobubusuku Ayenguye ngosuku Enza ngalo lenkulumo mbiko. Futhi Usazoliqinisekisa leloZwi, uma sizokukholwa. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁷⁴ “Lapho Yena, uMoya oNgcwele, esefikile, Ngeke akhulume ngaYe uqobo. Kodwa Uzothatha izinto, ezaMi,” lelo yiZwi, “futhi uzonibonisa zona. Futhi-ke, kanti futhi, Uzonibonisa izinto ezizayo.”

²⁷⁵ Encwadini ya—yamaHeberu, isahluko 4, iBhayibheli lathi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali . . .”

²⁷⁶ Manje, Ubani owayeyiZwi na? UJesu. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi wenziwa inyama. Wakha . . .”

²⁷⁷ “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunanoma iyiphi inkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lize lahlukhanise, umnkantsha, futhi uMahluleli wemicabango esenhliziyweni.”

²⁷⁸ Lowo nguNkulunkulu wethu. Asilahlekile, bangani. Sisekhona emseni kaNkulunkulu. Ngi—ngizizwa, ukukhuluma nganoma yini, futhi ngikhulume ngenkathi edlule . . . Futhi njengoba ngishilo izolo ebusuku, njengoba labo bafundi babezama ukuphila emhlanganweni lowo ababenawo kuthangi, bebheke phambili omunye, kodwa bakhohlwa yena kanye uMdali womoya namagagasi owayelele esikebheni.

²⁷⁹ UNkulunkulu owayephezulu lapho kulezo zintaba, ukubeka lelobhere elinomhlwenga oyisiliva elimpungana, ngokusho kweZwi laKhe, elilele lapho kwiphansi, ukwenzela ubufakazi obubonakalayo.

²⁸⁰ Manje, uma ufisa ukubhalela leyondoda, vele ubhale u-Bud Southwick, S-o-u-t-h-w-i-c-k, Bud Southwick, Fort Saint John, British Columbia, futhi umcele akubhalele incwadi akuphendule. Futhi empeleni, uma uthatha uhambo lokuzingela, kukhona umfo olungile ongahamba naye.

²⁸¹ Manje qaphelani. Utshela lokho phakathi kwabo bonke labo bazingeli enhla nasezansi kulowomgwaqo, ngize ngikhulume ukuthi ngizoba nomhlangano wangempela esikhathini esilandelayo ngenyukela lapho, nabaqaphi nje, ya, ukubona lezozinto zenzeka nje ngendlela ezenzeka ngayo. Lokho kwakungonyaka odlule.

282 Lona yilonyaka, khona manje. Lowo Jesu ofanayo owenza leso sithembiso, wathi, “Angisoze ngakushiya noma ngikulahle. Ngizoba nawe njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Niyakukholwa lokho na? [Ibandla uthi, “Amen.”—Umhl.]

283 Ngobufakazi obubonakalayo obunjalo, ngeqiniso elinjalo liqinisekiswa, iqiniso eliyilo du, singazizwa kanjani nganoma iyiphi enye indlela kunokuba besingazizwela njengokudlula kulolophahla, sihlwithwe na? Ngabe sivumele izinto zezwe zasithuntubalisa, ngendlela enjalo na? Lapho, sibona izinto ezisemqoka eziyizo du, ezifakazisiwe ukuba yiqiniso.

284 Manje, umuntu ngamunye ogulayo phakathi lapha, uma uzokholwa yiLowo ofanayo owenza leso sithembiso, futhi ngaLowo ofanayo owakhipha leso sithuthwana kulowo mfana, lowo muntu, UnguNkulunkulu ofanayo okhona lapha manje. Ukuba benginganisusela khona, bengiyokwenza, kodwa angikwazi ukukwenza. Usevele ukuthengele lokho, futhi into kuphela okumele uyenze kungukukukholwa.

285 Kuthiwani uma umfana ebengawela ekudlikizeni, futhi owesifazane omncane wathi, “Manje, lihlanganisani lelo hembe na?” Lokhu mhlasi be bekungeke kusebenze kunoma ubani omunye. Niyabo? Kuyena kuphela nje, ngoba kuthunyelwe kuye. UNahamani wacwila emanzini kasikhombisa; kodwa umuntu mumbé, ecwila, mhlasi be ubengeke basinde kubulephero babo. Niyabo? Kodwa qaphelani. Yilokho Akushoyo okuyiqiniso, eliqinisekisiwe, iqiniso eliphela.

286 Manje, sekubaleyithi, ukubiza ngisho nomugqa womkhuleko. Masi—masimise nje lokho okwesikhashana.

287 Ake sicabange nje. Ngabe yilokho uNkulunkulu akuthembisa na? Lokho bekungaba nguMoya oNgcwele wangempela obungenza lokho. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, ngubani ongasho ukuthi Wayengesiyena uMoya oNgcwele na? Wayenguye. “Mina noBaba siMunye.” UMoya oNgcwele wawunguBaba waKhe. “Uyakubeletha. Lokho OkuNgcwele akukhulelwe ngokukaMoya oNgcwele.” Ngakho, uMoya oNgcwele noNkulunkulu nguMoya ofanayo, futhi KwakukuYe.

288 Futhi qaphelani lokho Akwenzayo lapho owesifazane ethinte ingubo yaKhe, ngenkathi Ebheka phezu kwezethameli futhi waqonda imicabango yabo. IZwi alisho, ukuthi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, umaHluleli wemicabango esenhliziyweni?” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Akathembisi yini, kuJohane oNgcwele 12, noma uJohane oNgcwele 14:12, ukuthi, “Okholwayo yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza?” [“Amen.”] Noma, ngabe kwake kwahluleka, kepha lokho okuyiqiniso na?

289 Khona-ke, uNkulunkulu ulapha. Ulapha ukuzokwenza wonke umuntu ophakathi lapha asinde. Ulapha ukuba asindise

yonke imiphefumulo elahlekileyo. Futhi ngaphambi kokuba ngenze ukubizela e-altare, njengoba ngizizwela ukuholwa ukuba ngenze, niyabo, ukwenza lokhu kubizela e-altare, masiMbize nje. Bangaki kini ozolahlekelwa yilungelo, noma athi, “Uma ngingakwazi . . .” Mhlawumbe izihambi lapha, sithi, “Angikaze ngibone omunye waleyo mihlangano. Ngi—ngibezwile abantu bekhuluma ngalezizinto, kodwa ngi—angikaze ngempela ngikubone. Bekungakhuthaza inhliziyo yami uma bengingabona bona kanye uBukhona bukaKristu bungena phakathi kwabantu futhi kwenze leyonto efanayo Ayenzayo.” Bekuyokukhuthaza na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁹⁰ Asikhothamise amakhanda ethu; izwi. Wonke amehlo evaliwe. Manje makuthi uMoya, olandela iZwi.

²⁹¹ Manje, Baba, ngikwenzile, ngokwedlula konke engikwaziyo ukuthi kanjani, Uyayazi inhliziyo yami. Wazi ukuthi laba bantu bayahlupheka ngaphansi kwalokhu kushisa, nokuthi baminyene, bemile, kodwa baye babekezela kakhulu. Ngingacabangela ukuthi kwakuluhlobo olufanayo lwesixuku esama osebeni ngalolo suku futhi sezwa Wena ukhuluma usesikebheni. Futhi-ke Wabatshele ukuthi, “Qalani ningene ekujuleni futhi nidedele phansi inetha ukwenzela ukudonsa.” Hhayi ukubona uma zikhona ezithile lapho. Zazilapho.

²⁹² Nokuthi asho kanjani lawo magama adumileyo omphostoli, “Nkosi, sidobe ngenetha ubusuku bonke futhi sangabamba lutho; kodwa noma kunjalo, eZwini laKho sizodedela phansi inetha.” Futhi ngenkathi belalela iZwi laKho, babamba inqwaba yezinhlazi, kwaze kwathi ngisho amanetha abo aqala ukubhoboka.

²⁹³ Nkosi uJesu, akungabazeki ukuthi abesifazane abaningi bashiya iwashingi yabo ngalokho kusa, amadoda amaningi ashiya amasimu awo, esuka ezitshalweni, abadobi bashiya amanetha abo, ukuzozwa iZwi likaNkulunkulu. Nkosi uJesu, uma Ubulapha ngesimo sangokwenyama kulobubusuku, akungabazeki ngempela ukuthi kokungaphezu kwanoma yini ebuthene, ibizobuthana. Kodwa laba bantu bakholwa ukuthi Awufile, ukuthi Wavuka kwabafileyo, futhi Ubonakalise iZwi laKho futhi ugcina iZwi laKho, iZwi engibafundele lona elivela emiBhalweni engeweke kulobubusuku.

²⁹⁴ Futhi njengoba iNkosi yethu ngesinye isikhathi yanikezwa iBhayibheli, noma u—uMbhalo ogoqwayo, futhi Yafunda, futhi Yahlala phansi. Futhi Yathi, “Namuhla lomBhalo ugcwalisekile.”

²⁹⁵ Makwenzeke futhi, Nkosi. Makube njalo futhi, ukuthi ngalo lolu suku, ngabo lobu busuku, ukuthi umBhalo engiwufundile ungagcwaliseka. Futhi sonke besilokhu sifundisa, iviki lonke, ukuthi lokho kwakuzoba yiyo kanye into eyayizofakazisa

isikhathi sokugcina. Bese kuthi-ke izinhliziyi zethu zizomuka, zijabule.

²⁹⁶ Kungahle kube nabaningi lapha, Nkosi, Okhuluma kubo. Sisize kulobubusuku ukwazi iZwi laKho, iZwi laKho liqinisekisiwe ukuba yiQiniso. Siphe khona, Baba.

²⁹⁷ Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, nje ngendlela yokuhlola, ukuzithulisa ekushumayeleni. Bangaki kini phakathi lapha, ongesiye ngokwangempela umKristu ozelwe ngokusha na? Manje, ungaya esontweni, kodwa lokho akusikho engikubuzayo. Wena ungu... Uma ungesiye umKristu ozelwe ngokusha, kodwa uyakholwa ukuthi kukhona uJesu ophilayo, uMoya oNgcwele wangempela, futhi ungathanda ukukhunjulwa kuYe manje. Ubungavele, ngenkathi onke amakhanda ekhotheme manje, namehlo evaliwe, uvele uphakamise isandla sakho kuYe, "Nkosi, ngikhumbule." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, wena. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Lokho kukahle kakhulu. Ngabe bakhona abanye na?

²⁹⁸ Manje, asibaningi kakhulu ngesibalo. Kodwa, uyazi yini, yizwe elibheke izinto ezinkulu nezibalo ezinkulu na? Njengoba sishilo izolo kusihlwa, kwakungelincane kuphela, iphimbo elithule elahela umprofethi ukuba aze ngaphambili nobuso bakhe bumboziwe.

²⁹⁹ Manje, unokukholwa kuNkulunkulu. Mfowethu, dadewethu, yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Futhi uma eyethu enkulu, iNkosi uJesu enomusa izofika lapho leliZwi lilele lapha, iZwi laKhe uQobo, livulekile, futhi izokufakazisa kini ukuthi loMoya oNgcwele, engikhuluma ngawo, uyiQiniso! Ungahle ukuba uye wadidaniseka izikhathi eziningi ngezinto eziningi, kodwa kuphela kubonisa ukuthi kukhona indawo ethile yangeMpela. Futhi ngenkathi Enza lokho, ngifuna nina eniphakamise izandla zenu, ukuba nize, ningibone, umzuzwana nje.

Manje ningaphakamisa amakhanda enu.

³⁰⁰ Nkosi Jesu, thatha lenkonzo ibe sezandleni zaKho manje. Ngiyinceku yaKho. Futhi konke ukushumayela... IZwi elilodwa nje elivela kuWe lizosho okukhulu kunakho konke ebesingakusho esikhathini sokuphila; iZwi elilodwa nje. Siphe khona manje, Baba, njengoba nginikela lokhu, lezo zimfazazo. Uyazi ukuthi ziqinisile, Baba. NguWena Owazinikeza. Futhi azikaze zehluleke. Siphe khona, eGameni likaJesu. Amen.

³⁰¹ Manje, bangaki abantu phakathi lapha, abangenawo amakhadi omkhuleko, ogulayo na? Phakamisani izandla zenu, yonke indawo esakhiweni, ongenawo amakhadi omkhuleko, futhi ogulayo. Kulungile. Futhi labo abanamakhadi omkhuleko, phakamisa isandla sakho. Kuthi akufane. Futhi bonke baxubene.

302 Manje, ukubheka phezu kwezethameli, kuqala, ukuthembeka phambi kukaNkulunkulu, ngaphambi kwenu. Ngiyazi ukuthi, ngibuka ngalapha, ukuthi abanye abangane bami bahlezi kulelikhona lapha. UMfowethu Noel, owakhe—owakhe... noDadewethu Jones, noMfowethu Outlaw, indodana yami, lo mfowethu lapha, noMfowethu Moore. Angimazi lo mfowethu, kodwa ngike ngambona emihlanganweni, izikhathi ezimbalwa zokugcina. Angikwazi ukubiza igama lalomfowethu, noma, kodwa ngiyamazi nje ngobuso. UDadewethu khona lapha, uDadewethu Williams. UDadewethu Sharritt ehlezi ekhoneni. Emuva le ngemuva ngabanye abantu abavela etabernakele eJeffersonville.

303 Ohlezi khona lapha ngumngane wami omdala oligugu, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, ovela e-Ohio, ushayela anqamule izwe. Futhi ngiyahamba ngiya e-Afrika, futhi yena nomkakhe othandekayo babuzile uma bebengaya e-Afrika nami. Wathi, “Sizokhokha...” Iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, umfowethu ongumJamlane, engakaze ayazi iNkosi. Ngenkathi ngishumayela ngobunye ubusuku, uyangena egqoke izimpahla zakhe zokugqoka ezihle, ukuba abhaphathizwe. Iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala! Ngaphandle kwe...

304 Ngiyakholwa, o, lona nguMfowethu Waldrop noDadewethu Waldrop behlezi lapho. Manje, lokho kuthi akube kude ngange... noMfowethu Borders. Manje, lokho sekuthi akube yikho.

305 Manje, ngibiza amagama abo. Manje, uma ungazi kunjalo, ungakhuleki. Niyabo? Ngikhulekele. Niyabo?

306 Kodwa ngifuna nina ongangazi, futhi uyazi ukuthi angikwazi. Ngifuna wena ukuba uthi enhliziyweni yakho, “Nkosi Jesu, ngizwile lokhu kukhulunywa ngakho. Ngi—ngimzwile lo mfundisi kulobubusuku efunda lokhu eBhayibhelini. Ngizizwile lezo zimfakazo, futhi ngizwe okufanayo, niyazi, ngezikhathi ezahlukene lokhu kwenzeka. Ngabe sesisondele kangako ekupheleni, Nkosi na? Ngabe sisondele kangako na?”

307 Khumbulani, lapho leso sibonakaliso senziwa eSodoma, umuzi owashayo, uJesu wabhekisela kukho, wathi, “Njengoba kwakunjalo...” Leso kwakuyisibonakaliso sokugcina okungukuthi basemukela ngaphambi kokuba umuzi ubhujiswe. Futhi uJesu wathi lokho kuyoba impinda ekufikeni kweNdodana yomuntu.

308 Manje, niyazi ukuthi kunjalo, kanjani ukuthi lokho, uNkulunkulu, uNkulunkulu enyameni! Bangaki abakholwa ukuthi kwakunguNkulunkulu owakhuluma no-Abrahama na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ya. Awu, iBhayibheli lithi,

“Elohim,” ngakho, lokho, lowo ngu—ngu—nguMdali omkhulu wamazulu nomhlaba, Owanele konke. Wayenguye.

309 Wayekhombisa ini na? Wayesemzimbeni womuntu, wema lapho futhi udla inyama yethole, futhi waphuza ubisi oluvela enkomazini, kwase kuthi-ke wayenganyamalala emehlweni. “Ngizokuvakashela ngokwesikhathi eNgakuthembisa sona.” Niyabo? Wambiza ngegama lakhe. Futhi efulathele ngomhlane waKhe, wathi, “Uphi uSara na?”

Wathi, “Usetendeni ngemva kwaKho.”

Wathi, “Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila.”

310 Futhi uSara wathi. . . [UMfowethu Branham wenza ukunqathuzisa izandla okuthule—Umhl.] . . . emuva etendeni.

311 Wathi, “Uhlekeleni uSara na?” Khumbulani, iBhayibheli lathi wayesetendeni emva kwaKhe. Wathi, “Uhlekeleni uSara na?”

USara wathi, “Angihlekanga.”

Wathi, “Yebo, ukwenzile.” Niyabo? Kunjalo.

312 UMuntu emi lapho, Nkulunkulu eziveza Yena uqobo enyameni yomuntu. UJesu wathi kuyoba into efanayo ekufikeni kweNdodana yomuntu: UNkulunkulu eBandleni laKhe, wena, mina, siveza Yena uqobo. Manje, kwakukhona owesifazane omncane. . .

313 Ngenkathi uNkulunkulu wayekuKristu, WayenguMoya ngokugcwele. WayenguNkulunkulu. Ngingenye yezinceku zaKhe, futhi wena ungenye yezinceku zaKhe. Sino—noMoya nge—ngesilinganiso. WayenaWo ngale kwesilinganiso. “KuYe kwakuhlala ukugcwalala kobuNkulunkulu ngokomzimba.” Kimi yisipho esincane nje, futhi phakathi kuwe isipho, saKhe. Kodwa, kungakhathaleki ukuthi siyigcosana kangakanani, nguMoya ofanayo.

314 Manje, uma lowo kunguMoya kaNkulunkulu, Uyokwenza imisebenzi kaNkulunkulu. Manje, khuleka futhi uthi, “Nkosi Jesu, owesifazane omncane ngesinye isikhathi wathinta ingubo yaKhe.” Futhi sithi. . .

315 Ngalapha eTestamenteni eLisha, wathi kumaHeberu, wathi, “UngumPristi Omkhulu khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Bangaki owaziyo ukuthi yiBhayibheli na? Yithi, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela. Awu, lokho kuzofanele kube yiqiniso.

316 Awu, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubengakuphendula kanjani na? Ngokufanayo njengoba Enzile izolo, uma Enguye namhlanje.

317 Manje, khuleka futhi uthi, “Nkosi Jesu, mangithinte ingubo yaKho. Futhi-ke, Uphe uMfowethu Branham isipho esincane, ukusikhuthaza. Futhi akangazi. (Nghileli emuva le *lapha*;

nangalapha; nasezansi *lapha*; nanoma yikuphi lapho ngihleli khona...) Akangazi, kodwa Uyangazi. Futhi mangibone uMoya waKho omkhulu, Nkosi. Hhayi njengoba ngifanele ngikwenze, kodwa nje ukusiza ungikhuthaze kanye nabo bonke abanye, ngoba silifundile iZwi. Mangithinte ingubo yaKho, bese Ungiphendula. Mangisetshenziswe kulobubusuku, Nkosi, ngaleyo nhloso. Izobonisa zonke izethameli ukuthi Usaphila." Lokho kungaba kuhle kakhulu uma Ezokwenza lokho na?

³¹⁸ Manje, yithi nje ukukhuleka, wena ngokwakho, ngokuthule. Uthi, "Nkosi, mangithinte ingubo yaKho." Ngizozinikela kuMoya, futhi-ke kwangathi uMoya oNgewele wenza konke okunye. Isizathu, manje, ngikhulumile, ngafakaza, kodwa angisakwazi ukwenza futhi manje. Ngisekupheleni kwendlela yami.

³¹⁹ Ngibhekisisa izethameli nje, ukubona uma mina...ngimele ngikubone, niyazi. Niyakuqonda lokho.

³²⁰ Emuva ngakwesokunxele sami, emuva le, ngezindlela ezimaphakathi emuva kwesakhiwo, ngowesifazane ekhuleka. Ulungela ukufa, uma uNkulunkulu engamsizi. Unomdlavuzo, nomdlavuzo usebeleni lakhe. O, kwangathi angakugeji!

Ngisize, O Nkosi.

Dadewethu, uma uzokholwa! O, he! Uzokugeja.

Nkosi Jesu, sisize, siyakhuleka.

³²¹ Mary May. Nakho lapho ukhona. Ngabe siyizihambi komunye nomunye na? Angikwazi. Awungazi. Ngabe lokho bekuyizimo, futhi lokho konke okushiwo bekuyiqiniso na? Khona-ke, kholwa. Kuzophela. Amen.

³²² Manje, kusukela ebumnyameni obebuphezu kwakhe, ngukukhanya. Ngokuqinisekile nje njengalowo mfana, isithuthwane sasuka kuye. UNkulunkulu ofanayo, Lowo owayesenhla lapho emahlathini asenyakatho, nguNkulunkulu ofanayo lapha. Qhubeka ukholwa nje. Amen. "Uma ungakholwa!"

³²³ Lapha Kuphezu kowesifazane ohlezi lapha phambi kwami. Unento ethile engalungile ngeqolo lakhe. Wucwephe oluyindingilizi oluphumile, eqolo lakhe. Yena, akasiye owalapha. Uvela e-Montana. Igama lakhe nguNkosazana Stubbs. Sukuma, yemukela ukuphulukiswa kwakho eGameni likaJesu Kristu.

Awudingi ukuba ucindezele. Nethhezeka.

³²⁴ Umfo omkhulu ohlezi lapha, engibuka, enza *kanjalo*. Kholwa. Uzosinda. Unenkinga yokukhathazwa yimizwa. Uma ukukholwa, uNkulunkulu uzokusindisa.

³²⁵ Inenekazi elinenkathazo yabesifazane. Kukholwe, futhi ungasinda. Buyela ekhaya, futhi ube nokukholwa

kuNkulunkulu. Kungani ngithe buyela ekhaya na? Uzofanele ubuyele eNew Mexico, ukuze ufike lapho, Mnu. noNkk. Watkins. Manje, uyazi ukuthi anginazi. Amen.

³²⁶ Inenekazi emva kwakho ngqo, linaleyo nkathazo yesilonda sangaphakathi emlenzeni, Miss Brown. Uzokholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Ubonakala unomudla. Manje, uyazi ukuthi angikaze ngikubone empilweni yami. Emlenzemi wangakwesokunxele. Manje, kholwa ngayo yonke inhliziyoyakho, uzosinda.

³²⁷ Inenekazi lizama ukunyakaza, futhi linesifo samathambo. Siyambopha, kabi. Nkk. Fairhead, kholwa ngayo yonke inhliziyoyakho, futhi uzosinda. Manje, uyazi angikaze ngikubone empilweni yami. Lokho, o... [Udadewethu uthi, "... phulukiswa phambilini. Ngike ngaphulukiswa phambilini, futhi ngiyazi Kuzongiphulukisa."—Umhl.] Amen. Ya.

³²⁸ Nikholwa ngayo yonke inhliziyoyenu manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, Uzokwenzani na? "Uzothatha izinto enginitshela zona, futhi uzonikhombisa zona. Futhike Uzonikhombisa izinto ezizayo." Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na? ["Amen."] Niyamkholwa na? ["Amen."]

Manje asikhothamise amakhanda ethu futhi.

³²⁹ Manje, wena owaziyo ukuthi uma ubungadlula kulokhu kuphila kulobubusuku, ukuthi ubuzoba... ubungeke ube... ubuzobe usuhambile, awuzelwe ngokusha. "Uma umuntu engazelwe ngokusha, angeke awubona ngisho uMbuso." Kungani ungezi *lapha* ngqo na? Ume lapha futhi usivumele sikuhulekele, khona lapha, nje emzuzwini na? Uzoza khona manje eBukhloneni baloMoya na?

³³⁰ Awusoze wabona noma yini yenzeka ngokukhulu kakhulu kuze kube yilapho ubona ukuFika kweNkosi. Manje, khumbula nje. Ngokuqinisekile ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani, noma Ubengeke aphe inkonzo. Ungakuvumeli kukwedlule manje. Ngabe uqotho na?

³³¹ Ungeza na? Uma kungenjalo, khona-ke, phakathi kwakho noNkulunkulu, kulele khona. Ngimsulwa. Ngihlanzekile kulo lonke igazi, ngoba nginitshela iQiniso. Nginishumayeze iZwi. Nginitshela ukuthi Wayeyini. Futhi Yena, uma Efika, Wafakazisa lokho Ayeyikho ngaleso sikhathi; futhi Ungivumela ngifakazise lokho Ayikho manje. Unguye njengoba Wayenjalo ngaleso sikhathi. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

³³² Khona-ke, bangaki abagulayo abaphakathi lapha khona-ke, omunye lapha ogulayo na? Phakamisani izandla zenu.

³³³ Manje beka izandla zakho phezu komunye nomunye, futhi ake sikhuleke umkhuleko wokukholwa ngawe.

³³⁴ Manje ngifuna ukunibuza okuthile, ngokuthule. Uma uNkulunkulu—uma uNkulunkulu engafika futhi enze lesa

simangaliso! Isimangaliso into ethize engenakuchazwa. Manje, uma ufisa ukubuzwa noma ubani walaba bantu abaseduze, hamba ubabuze, noma ngasiphi isikhathi sanoma yikuphi. Niyabo? Khumbula nje, nguNkulunkulu. Lokhu lapha imibono nje engamavukane. Ubani, ubani, yini eyenza lokho na? Nguwe, wena uqobo. Yinina enenza lokho.

³³⁵ Niyabo, ngenkathi lowo wesifazane ethinte ingubo yaKhe, Wathi, “Amandla aphumile kiMi.” Kodwa ngenkathi uBaba emkhombisa ngoLazaru, futhi Wahamba futhi uyabuya, futhi wavusa uLazaru kwabafileyo, Akazange athi “amandla.” Lowo kwakunguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe uQobo, futhi okunye kwakungwesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu.

³³⁶ Angisiso isiphiwo sikaNkulunkulu. UJesu Kristu uyisiPhiwo sikaNkulunkulu. Yisiphiwo nje Anginika sona, ukuthi ngazalwa ngaleyo ndlela, nomuzwa omncane nomuzwa (umuzwa wokuqala) undawonye ngqo. Awuyi kolala; uvele ukubone nje. UMoya oNgcwele ufika phezu komuzwa omncane njengoba wenza kumuzwa wokuqala. Uma kufika emzweni wakho omncane, ubuyoba nephupho elingokomoya. Ufika phezu kowami, angiphuphi. Ngivele ngibheke lapho futhi ngikubone. Niyabo? Futhi, sizalwa, awukwazi ukuzenza nanoma yini ehlukile. Uzalwa ngaleyo ndlela. Niyabo? “Izipho nokubizwa kungaphandle kokuphenduka.” Yini okuzokwenza na? Ukubonakalisa uJesu Kristu. Unguye izolo, namuhla, naphakade.

³³⁷ Ngezandla zakho zibekwe phezu komunye nomunye, ngithemba ukuthi uzobeka inhliziyi yakho ekunakekeleni kukaNkulunkulu khona manje, “Nkosi, ngihlole. Ngabe sengibe ndikindiki ngezinto zezwe, ukuthi ngiyahluleka ukubona lelihora elikhulu eledlulayo na?”

³³⁸ Uyazi, yileyo ndlela obekulokhu kungayo. Kwahamba kwadabula ngqo ebandleni, futhi abazange bakwazi. Lowo ngumlando. Ningakuvumeli kudlule, bangane, ukubona izwi lifakaziswa, njalo njalo, ubone iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa, futhi yena kanye uMuntu kaJesu Kristu engena ngqo phakathi kwalona abantu futhi enza ncamashi ngendlela enza ngayo phambilini.


³³⁹ Baba waseZulwini, ngiyazizwela manje, Nkosi, ukuthi iZwi laKho lifundiwe. Ubufakazi bunikeziwe. UMoya oNgcwele wehlile futhi waqinisekisa leloZwi nobufakazi. Manje kusezandleni zabantu, Nkosi. Kulele ethangeni labo. Akukho okunye engikwaziyo ukuba ngukusho. Futhi angazi ngalutho olunye Owaluloba eZwini, ukuthi Ubuyolwenza, ngoba Usuvele ubaphulukisile. Kungukubenza nje bakukholwe. NaWe wenza into efana nale, futhi ngeke sisangabaza kanjani futhi na?

Singeke sisamvumela kanjani uSathane ukuba enze ndikindiki unembeza wethu futhi na?

³⁴⁰ Sathane, ngimemezela lokhu kuphulukiswa phezu kwalaba bantu, futhi ngithi kuwe, “Ngiyakunxusa, eGameni leNkosi uJesu Kristu, phuma lapha. Phuma, eGameni likaJesu Kristu, futhi yekela laba bantu bahambe.”

³⁴¹ Manje, uma uMkholwa, yima ngezinyawo zakho. Uyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Phakama ume ngezinyawo zakho khona-ke, bese unikeza uNkulunkulu udumo. Phakama futhi ukukholwe. Ungabe usakungabaza.

³⁴² EGameni likaJesu Kristu, makuthi uMoya oNgcwele ulethe injabulo, amandla, iMpilo yovuko kulaba bantu, Nkosi.

³⁴³ Mnikeni udumo manje, futhi nibusise iGama laKhe elingcwele. Siyamthanda. SiyaMdumisa. SiyaMkhonza, Ongaqhathaniseki, OPhakade, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo. EGameni laKhe, meMukele. Ulapha. Amen. 

UMOYA WEQINISO ZUL63-0118
(Spirit Of Truth)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngoLwesihlanu kusihlwa, ngoJanuwari 18, ngo 1963, eChurch Of All Nations ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2019 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org